# UNkulunkulu Uyaligcina IZwi LaKhe

[UMFowethu Neville uthi, "UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Branham."] Ungikhulekele. ["Amen."—Umhl.]

2 Sanibona ekuseni, bangane. Kuyinhlanhla ukuba lapha kulokhu ukusa enkonzweni yeNkosi, nokuzwa lokhu ukwemukelwa okumangalisayo nenhlanganyelo. Nje kusho okuthize enhliziyweni yesihambi, ukuzwa lowomoya wokwemukelwa. Niyazi, kuza kuwe nje, futhi kukhona okuthize nje, okungayithathi indawo yakho. Nokubuyela etabernakele futhi, nokuba, futhi, senkonzweni yeNkosi yethu ebusisiweyo.

3 Futhi manje sinenye inkonzo yokubusiswa kwezingane, kodwa ngicabanga ukuthi mhlawumbe sizokuthola nje lokho emizuzwaneni embalwa.

4 Sisondela ePhasikeni. Ngicabanga ukuthi liza cishe zingamashumi amabili-nanye. Futhi bengifuna ukufika lapha ngaphambi kwesikhashana nje, ukubona amalunga amadala noMfowethu Neville. Namaqondana . . . Ngi . . . Mhlawumbe bekungaba yinto enhle ukuba besingaba nomhlangano omncane lapha, ngaphambi nje kwe—kwenkonzo yePhasika. Mhlawumbe siqale, ngithi, ngoLwesithathu futhi siqhubeke kuze kube yiSonto, bese siqeda ngenkonzo yombhaphathizo ngeSonto ngePhasika. Futhi sibe nencane . . . umhlangano, ukubuthana. Leli yitabernakele elincane engakhuliswa kulo. Yilona-bandla lami lokuqala nokuyilona kuphela. Futhi ngithanda ukubuyela lezizinsuku ezingcwele, no—nokukhonza iNkosi nani nonke. Bonke bazokweseka lokho, nicabanga ukuthi kuzoba yintando yeNkosi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yebo. Awu, iNkosi ithanda, sizoqala ngoLwesithathu, ngaphambi kwePhasika ngeSonto.

5 Futhi ngithanda ukusho ukuthi singathanda mhlawumbe ukucela umphathisikhwama, noma umphatheli nabo, uma bengafaka isaziso esincane ephepheni lapha ndawo ndawo. Futhi batshele abantwana ukuthi silapha ukuzokhonza, futhi singathanda ukuba nenhlanganyelo encane nabo bonke. Okuncane, okuthi ukuba wuhlobo lokuza ekhaya, futhi silungiselele . . .

6 Mhlawumbe iNkosi izosinika ukuvuka kwe—kwengxenye ethe xaxa koMoya waYo, okukhona kwaleliPhasika elizayo. Ku—kuyi . . . njengekwindla nentwasahlobo. Ngicabanga ukuthi intwasahlobo iyisikhathi esihle kabi, lapho yonke into iqala ukwembatha isimo esisha nempilo entsha, futhi

isikhumbuza ngokuvuka. IPhasika lifika ngesikhathi esifanele impela, ngesikhathi sasentwasahlobo. Uma siqaphela, iZwi likaNkulunkulu njalo lihambisana nje ncamashi nemvelo yaKhe, kanjalonjalo. Ngakho si . . .

7 Uma iNkosi ithanda, manje, sizoqala lokhu. Futhi—futhi uma bezofaka isaziso esincane, ngithe, ephepheni. Futhi bangakwenzi kube ubuhle obukhangayo. Nje nitshele abafo ukuthi sifuna ukukhonza iNkosi sindawonye. Futhi nje singathanda, abathandayo beze ngobuningi babo, bahlanganyele kanye nathi, okwesikhashana. Sizojabula ukuba nabo beze, onke amabandla.

8 Futhi nishaye ucingo nitshele omakhelwane benu mayelana nayo. Futhi nibatshele ukuthi nje sizokhuluma ngeNkosi, futhi—futhi nje sonke siYikhonze ndawonye.

9 Ngizothi nje ukwenza umnyakazo, uma kuzothandeka kubantu, futhi kukuhle emehlweni kaNkulunkulu, futhi kulungile kos'cula ngabathathu, ngizothanda ukuba os'cula ngabaThathu bakaNeville ukuba basisize ngalesosikhathi. Ningethande nina nonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kunjalo. Futhi sizoqikelela ukuthi bayanakekelwa, ngalendlela, uma iNkosi ibona kufanele kanjalo ukuba sikwenze. Futhi ngakho simema abanye abaculi bakwamanye amabandla ahlukene, ukuba bangene futhi—futhi basisize lapho sisaqhubeka. Abaculi basebandleni lenu, singajabula ukuba nabo. Nibone uMfowethu Neville, mhlawumbe kusasele ubusuku, futhi akwazi ukubafaka ohlelweni, ukuba sibe nabo basiculele.

10 Siyakuthanda ukucula okuhle. Ngingathanda nje ukuba nesihle isikhathi esiyifeshini endala yokuza ekhaya, lapho nje sibuthana nje khona ndawonye. Futhi sithole uAngie. Lapho . . . Ngabe uDadewethu Angie ukhona kulokhu ukusa na? Mkhipheni, ukuze yena noDadewethu Gertie bakwazi ukusiculela elithi *IsiKhathi sokuza eKhaya* kanye, nelithi *Qhubeka Ubambelele*. Futhi lokho kuzobonakala kuyinto yokuqala kwemvuselelo futhi, Dadewethu Gertie. Inqwaba yamanzi yehle ngomfula selokhu sasivamise ukucula lelo lapha.

11 Benginosuku lokuzalwa kwami izolo, futhi ngi—ngiyazi ukuthi angisesuye umfana. Ngithe, "Sengedlule emashumini amabili—nane manje. Ngakho . . ." Futhi, manje-ke, lokho nje yiminyaka yami . . . Angiyibali leyo ngokwangempela, yokuzalwa ngokwemvelo, nangokwenyama, ngibala nje iminyaka yami yokomoya, niyabo. Cishe iminyaka engamashumi amabili-nane eyadlula, ngazalwa ngokusha. Futhi, lokho, lokho okwaPhakade. Futhi kuzoba . . . Kungolulodwa olukhulu, usuku lokuzalwa olubusisiwe. Futhi alusoze lwaphela, yileyonto eyodwa enesiqiniseko.

12 Manje, ngifuna uDadewethu Gertie, uma ezo . . . ngaphambi kokuba abancinyane bakhuphukele ukuzobusiswa kwezingane. Manje, izikhathi eziningi . . .

13 EBhayibhelini, siyathola, indawo kuphela engazi ngayo, emBhalweni, lapho okukhona khona uhlelo, lwezingane. Manje, inqwaba yabantu iyazifafaza, niyazi, futhi bakubize ngombhaphathizo, kanjalonjalo. Okungukuthi, lokho ku— lokho kulungile. Kodwa njalo nje ngizama uku, njengokuhlala nje ngendlela iBhayibheli elikusho ngayo, niyazi. Futhi eBhayibhelini, abababhaphathizi neze abantwana abancane. Kanjalo futhi babengabafafazi. Bavele nje babaletha eNkosi ni yethu, futhi Yabagona ngezingalo zaYo, yase ibabusisa, yase ithi, "Vumelani abantwanyana beze kiMi, ningabenqabeli, ngokuba uMbuso weZulu ungowabanjalo."

14 Futhi into eyisimanga kubengukuthi, manje, lokho ngikuphenye nje ngqo eBhayibhelini, khona impela nje lapho okukhona, uMarku 10. Nakhu nje, phambi kwami ngqo.

15 Futhi ngakho, iNkosi, yaletha abantwanyana . . . Baletha abantwanyana kuYo, futhi Yavele yababusisa nje, yayisithi, "Vumelani abancinyane beze kiMi, ningabenqabeli, ngokuba uMbuso ungowabanjalo."

16 Manje, siyazi ukuthi iNkosi yethu isiye eNkazimulweni, noMoya waYo wabuya wangena eBandleni, ukuqhuba uMlayezo Ize ifike futhi. Sibheke lokho.

17 Futhi ngendlela esikwenza ngayo lapha, ngukukhuphula abancinyane nje, bese sikhuphula amalunga amadala ebandla, bese ngithatha abancinyane bese ngibanikela eNkosini. Ngicabanga ukuthi kuyinkonzo emnandi encane, ukubona labobafo abancinyane impela. Isizathu, kungukuthi, akunandaba ukuthi sisebancane kangakanani noma sibadala kangakanani, omunye walabo abancinyane unendawo nje enhliziyweni yethu. Lokho akunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

18 Manje, uma siza kuNkulunkulu, yileyondlela nje esiyiyo enhliziyweni kaNkulunkulu. Asisishiyi neze lesosigaba. Sihlala njalo singabantwanyana.

19 Ngenkathi uAbrahama enamashumi ayishiyagalolunye nesishiyagalolunye, wayesalokhu nje eyingane encane, kuNkulunkulu. UNkulunkulu wamtshela, wathi, "Ngiyibele oncela kulo, Abrahama. Uyabo, nje—nje yencika kiMi, bese uyancela, futhi yonke into izolunga." Futhi Wamguqula uAbrahama wabuyela ekubeni yinsizwa futhi, ngokubambelela eZwini laKhe nje.

20 Futhi ngikholwa ukuthi sicule iculo elincane, lika *Bangeniseni*. Bese nenyusela lapha abancinyane benu manje, nina enifuna ukubanikela. Ngizocela amalunga amadala ukuthi eze ngaphambili, nawo. Kulungile.

. . . bangenisen’
Bangenisen’ bephuma emasimini esono;
Bangenisen’, bangenisen’,
Lethani abazulayo kuJesu.

21 O, ngithanda kanjani ukubona lababafo abancane! Manje, ungu—ungubani igama lakho? [Ubaba uthi, “uRiddle.”—Umhl.] Ubani igama lakhe? [“Sharon Louise.”] USharon Louise Riddle omncane. Futhi ngineqiniso ukuthi sonke siyamthanda uMfowethu noDadewethu Riddle. Siyamazi uMfowethu Riddle lapha. Uphethe indawo eyenza amabhuzu ezansi lapha edolobheni. Futhi banenganyana ebukeka kahle kabi lapha, uSharon omncane, uSharon Louise, uSharon Louise Riddle. Uneminyaka emingaki, Mfowethu noDadewethu Riddle na? [UMfowethu Riddle uthi, “Izinyanga ezine.”] Izinyanga ezine. He, he! Leso yisithixo esincane enhliziyweni, asisiso na?

22 Futhi, manje, iNkosi ininike lona omncinyane othandekayo, futhi manje nimnikela kuYo, nimbeka ezingalweni zaYo, ukuthi uNkulunkulu, Onikezile, nina nimbuyisela kuYe. Nimnika Yena, ukuze Abusise impilo yakhe encane futhi ayenze ibe yimpilo yokukhonza. Bese eyenza i . . . Khulekelani ukuthi uNkulunkulu uzomenza abe umntwana oyobusisa inhliziyo yenu uma senibadala, uma uJesu elibala, futhi abe umsebenzi omkhulu kaNkulunkulu. Futhi nizoqhosha ngalentombazanyana. Kwangathi uNkulunkulu angakupha manje njengoba simthatha, ukuba simbusise.

23 Ngifuna zonke izintombi, futhi, kusobala, abesilisa, nabo awubheke lengane encane enhle. Akukuhle yini lokho na? USharon omncane.

Asikhothamise amakhanda ethu manje.

24 Baba wethu waseZulwini obusisiweyo, eZwini eliyigugu, sifunda ukuthi baletha kuWe abantwanyana, ukuba Ubeke izandla zaKho phezu kwabo bese uyababusisa. Namanje, lezizithandani, kulokhu ukusa, lomshado ongcwele, Ubaphe ethembeni labo lomntwana othandekayo, uSharon Riddle omncane. Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini othandekayo, ukuthi Uzobusisa lomntwana, njengoba beza kulokhu ukusa ukunikeza ukunikelwa, ukubuyisela ingane kuLowo Owayinikezayo. Futhi ngicela Wena, Nkulunkulu, ukuba ubabusise, ubusise izimpilo zabo. Futhi kwangathi lomntwanyana, angaphila, akhule futhi abe nempilo ephelele, futhi abe yinceku yaKho. Futhi kwangathi kungaba ngowesifazane oyoba ngowenhliziyo kaNkulunkulu, ne—nenhliziyo yomzali. Siphe khona, Nkosi.

25 Futhi manje, njengelunga laKho elidala, siphakamisela umntwana kuWe, njengoba bembeke ezandleni zami, futhi ngimphakamisela kuWe. EGameni likaKristu, kwangathi Ungayibusisa lengane. Futhi kwangathi ingaphila futhi ikhule,

futhi iqine ibe ngephile kahle, nenceku kaNkulunkulu. Sicela lokhu njengoba sikwethula kuWe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Busiswa, s'thandwa esincane. Uyinganyana eyisithandwa esikhulu.

26 UNkulunkulu anibusise, nobabili. Futhi sengathi ningaba nenqwaba nqwaba yenjabulo ekukhuliseni lentombazanyana.

Sofika sijabula, sizophath'inyanda.

Sizophath'inyanda, sizophath'inyanda,
Sofika sijabula, sizophath'inyanda;
Sizophath'inyanda, sizophath'inyanda,
Sofika sijabula, sizophath'inyanda.

Akuyikubamnandi ngaleyonkathi na?

Manje asikhothamise amakhanda ethu nje okwesikhashana, ngomkhuleko.

27 O Nkulunkulu, Wena owabumba amazulu nomhlaba, vumela nje ukuphefumula kwaKhe kuqhubekele phambili neZwi laKhe, nakho konke kuthathe indawo yakho efanele. Umhlaba, inyanga, izinkanyezi, konke kwashwibeka kwangena endaweni, njengoba nje uNkulunkulu aphefumulela eZwini laKhe.

28 Futhi, O Nkulunkulu, namhlanje, sicela ukuthi Uzophefumulela eZwini laKho, njengoba sizama ukuLiletha kubantu. Kwangathi Lingathatha isikhundla saLo, kulokhu ukusa, indawo yaLo, futhi ligxile futhi lishone phansi kuleyo naleyonhliziyo, ukuze wonke umuntu lapha akwazi ukwemukela izibusiso zaKho.

29 Siza labo, Nkosi, abaphumile endleleni, abakhubazekile nabayizishosha emimoyeni yabo. Futhi abakwazi Wena njengoMsindisi othandekayo, njengoba thina sibe nenhlanhla kukho. Sikhulekela ukuthi Uzobabusisa ngokukhulu kakhulu, namhlanje. Futhi kwangathi uma sebephuma kulendlu, bajabule futhi bethokoza ngoKristu osanda kutholwa kabusha ukuthi asebazana nakho ngesikhathi salomhlangano.

30 Uma besekhona abanye abashelela bemuke, baye eminakweni yezwe, O Nkulunkulu, babuyise. Nabagulayo nabadingayo, Baba, siyabakhulekela, ukuthi Uzophilisa wonke umuntu ogulayo lapha, namhlanje. Khuthaza labo abakhathazekile. Futhi ubusise labo ababambelele ngokwethembeka. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi uMoya waKho ungaba phezu kwabo bonke.

31 Busisa iZwi njengoba Liphuma; isikhulumi esizoLikhuluma, nozwayo ozoLizwa. Futhi, sonke kanye kanye, uthole udumo ngalombuthano kulokhu ukusa, ngokuba sikucela eGameni likaKristu. Amen.

32 Manje, angikakutholi nje ukuthi ngiphumule ngqo emhlanganweni omude, manje osube yizinyanga ezine,

nalomhlangano wokugcina wamaviki amahlanu ubudilizana ngempela. Ngokuba, besinomhlangano oyisimangaliso ngayo yonke indlela esizweni sonke, manje, kusukela eNew York kuya eSan Francisco; isizwe sonke, sizombeza, siya emuva naphambili, njengoba sinqamulile. NeNkosi isindise abaningi, amakhulu amaningi abantu.

33 NgeSonto eledlule, evikini eledlule, lodwa, uBaba wethu waseZulwini obusisiweyo, ngibone phakathi kwenkulungwane, kuya emakhulwini ayishumi nanhlanu, izoni ziphenduka ngasikhathi sinye, ealtare, eOakland, eCalifornia, endlini enkulukazi yezemidlalo. Kwakugcwele phama nje. Futhi sa—sadingeka ukuba sihlale phakathi nendawo yendawo ephansi phakathi nendawo, esikhundleni sasemaceleni e—endlu enkulu yezemidlalo. NeNkosi yabusisa nje.

34 Futhi saba, phakathi lapho, nokuzamazama komhlaba okukhulu, njengoba nizwile. Futhi lokho kwaba ngokokuqala kumkami ukuba abe kukho. Wathi nje ukuqhaqhazela kancane, kamuva. Kwakunamandla kakhulu, lapho indlu izamazama, kwathuquka nothuli, namabhodlela e. . . Sasimi ekhemese, sithenga amaposkhadi ukuwathumela ekhaya, namabhodlela angqangqazela, noshimula wawa. Nezindlu ezinkulu zazamazama kanyekanye; imigwaqo yehlukana yavuleka, nengxenye yawo yacwila ngaphansi. Futhi nje kusikhumbuza ukuthi isandla esilobayo sisodongeni. "Kuyobakhona ukuzamazama komhlaba kuzindawo ngezindawo."

35 Ngalolosuku olulodwa, ukuzamazama okuyisishiyagalombili kwagadla kulelodolobha elifanayo. Kwase kuthi-ke cishe ngeleshumi ngalobobusuku, besisanda kukuthola nje, noma ligamenxe eleshumi, futhi sesisembhedeni; futhi i—ilambu, lihlezi phakathi nendawo phansi, kwakuthi alizamazame liketuke, kokunye okukhulu, ukuzamazama komhlaba okunamandla. Kuyakhombisa nje, ukuthi emamayeleni ayizinkulungwane eziyishiyagalombili ngaphansi kwethu, akukho lutho ngaphandle koluvuthayo, udaka lwamatshe olushisayo olubomvu.

36 Futhi kwakungaso nje isikhathi, futhi kwezwiwa nga (bakithi) bahlaseli ngapesheya kolwandle, bethi banqabele abantu ukuba baye eScandinavia, kanjalonjalo, ukuthi bazobashabalalisa ngezikhali zama-atomu. Futhi siyamangala ukuthi kungenzekani uma bebengaqala ukuqathaza lawomabhomu futhi baqhumise lezozindawo emhlabeni. Lapho, bekungenza nje khona ncamashi uNkulunkulu athi kuyokwenza. "Akusesiwo amanzi, kodwa umlilo ngalesisikhathi."

37 Ngakho, kuletha ukujabula enhliziyweni yomlindi olindele ukuFika kweNkosi, nehora elibusisiweyo ukuthi uma lemizimba emidala emibi kakhulu iyoguqulwa futhi yenziwe ifane

nomzimba waKhe uQobo okhazimulisiweyo. Futhi siyoMbona. Kungasekho-mzabalazo, kungasekho-kudabuka, kungasekho-kuguga, kungasekho-zinsuku ezinokuphela, kungasekho-kulamba, kungasekho-kukhathazeka, kungasekho-kugula, kungasekho-kufa.

38 O, ngeke nje sakulinganisa ukujula! Ngiyakutshela, mngane! Kul'khuni ngoba singumuntu, nokufa kuyinto nje sonke esesabayo ukubhekana nayo. Kodwa ku—kuyimpumuzo ebusisiweyo, kuyinto eyisibusiso, ukwazi ukuthi Uyofika ngolunye usuku, nalezizinto ziyoguqulwa.

39 Manje, khumbulani, futhi ngenani kweyenu . . . ikakhulukazi abangane benu abayizoni, manje, ukuba beze emhlanganweni, lemvuselelo equbukayo.

40 Manje, ngendlela nje yokukhuluma okuncane, umphimbo wami, njengoba ngishilo, awukalungi, namanje, ncamashi, futhi ngisakhathele kancane. Kodwa, ngiphumulile, kuleliviki, ngadeda ngisho nasocingweni nakho konke, ukuze ngithole izinsuku ezimbalwa zokuphumula.

41 Bese kuthi-ke, kuleliviki elizayo, ngifuna ukuphumula phezulu kancane, uma ngingaphumelela, bese-ke ngilungela imvuselelo encane. Bese ngiya eCanada, bese kuthi ukusuka eCanada ngibuyele eIndianapolis. Ukusuka eIndianapolis bese ngiya eChicago. Futhi ukusuka eChicago . . . Leyo yiNgqungqthela yaMazwe ngamazwe yoSomaBhizinisi abangamaKristu. Futhi bangibhukele. Manje, ningikhulekele, futhi ikakhulukazi ngesikhathi salemvuselelo, ukuthi uNkulunkulu uzongiqondisa. Uhambo oluphelele lomhlaba jikelele ukuba luqale ngoJuni, bese ngibuya ngoNovemba, noma ngoJulayo, njalo. Nalokho ngukuyongena eYurophu, e-Eshiya, konke kwehlele eziqhingini, izilwandle, bese ngiza ngidabule, ngasoGwini lwaseNtshonalanga. Ngishiye impumalanga futhi ngihambe ngize ngiyoshaya emhlabeni wonke, ngibuyele oGwini lwaseNtshonalanga. Isikhathi esidinga kanje pho!

42 Futhi manje kukhona uhlobo oluthize olungihola kancane. Angazi noma kuyinto esemgwaqeni, noma yini, angazi. Kodwa, ningikhulekele, futhi uNkulunkulu ngempela uzokusebenza akulungise.

43 Manje, nginezindawo ezimbili emBhalweni engizikhethile kulokhu ukusa ukuba ngizifunde, ngenxa yalokhu, ukuthi abantu bayeza, bazokhulekelwa. Lesi yisikhathi esincane nje sokukhulekela abagulayo nabadingayo. Futhi nje ngithanda ukufundisa kancane ngeZwi.

44 Bese, mhlawumbe, iNkosi ithanda, kulobubusuku, kungenzeka ngingafundisi kuphela, kodwa ngishumayele kancane eZwini.

45 Manje ngifuna ukufunda ezindaweni ezimbili, futhi lokho kungale eTestamenteni eLidala, zombili. Eyodwa ikuNumeri,

isahluko 13, ne—nevesi 30. Nenye ikuJoshuwa, isahluko 1, nevesi 9.

*UKalebi wathulisa abantu phambi kukaMose, wathi, Masenyuke khona manje, silidle; ngokuba sinamandla okulinqoba.*

46 Bese kuthi-ke ngale kuJoshuwa, ivesi 9 lesahluko 1.

*Angikuyalile na? Qina ume isibindi: ungesabi, ungabinaluvalo: ngokuba iNkosi uNkulunkulu wakho unawe nomaphi lapho uya khona.*

47 NeNkosi ayenezele izibusiso zaYo eZwini laYo. Ngiyalithanda nje iZwi. Futhi uma bengingasholo indaba, kulokhu ukusa, ngifuna ukuthatha ukuba ngithole ingqikithi phakathi lapha, indikimba ethiwa: *UNkulunkulu Uyaligcina IZwi LaKhe.* Manje, ku. . .Besingakha nje kulokho amaviki; sibambe imvuselelo yonyaka futhi nje kube kusalokhu kufreshi ekugcineni njengoba bekunjalo ekuqaleni, okwaleyondaba, yokuthi, *UNkulunkulu Uyaligcina IZwi LaKhe.*

48 Kukhona into eyodwa uNkulunkulu angeke ayenza. Senake nacabanga ngakho na? Kukhona into eyodwa uNkulunkulu angeke ayenza, lokho ngukwehluleka. Angenza yonke into kepha ukwehluleka, kodwa angeke Ehluleka. Ngakho, uma ukuthemba kwethu okungcwele kunakho konke kwakhelwe, kulokhu ukusa, phezu kwaLowo omangalisayo Ongenza noma yini efanele yenziwe, ngaphandle kokwehluleka, ukuthemba okungakanani esifanele sibe nakho eZwini laKhe laPhakade!

49 Inhliziyo yami ishukunyisiwe ngonyaka odlule, emva kokuba sengibuke izizwe zonke futhi ngabona izinto ziqonga, indlela eziyiyo, nezimfundiso ezi gqamileyo ezincane ziqubuka. Kungikhumbuza kahle ngalokho okubhalwe lapho phakathi kulelotshe legumbi, ngalokho kusa ngenkathi sibusisa. . .noma sibeka itshe legumbi. Ngenkathi iNkosi ingivusa; ngingazi ukuthi kwakumibono mini, ngalezozinsuku.

50 Ngibuka ushimula phezu kwendlu, amafidi amahlanu noma ngaphezulu ukusuka lapho engangihlezi khona ngenkathi kwenzeka umbono, eminyakeni engamashumi amabili-nantathu eyedlula, ngo 1933. Kuthi akube yiminyaka engamashumi amabili-nane eyedlula, ngiqagele. Ngibuka ushimula njengamanje.

51 Kwakusasele isikhathi eside ngaphambi kokuba ngize ngiganwe. Ngangiyimpohlo, futhi ngisekhaya. Sasakha lelisonto nje. Futhi sasibeka itshe legumbi ngalokho kusa, ngenkathi iNkosi inginika umbono. Ngase ngivukile ngase ngibuka phandle ngefastela. Futhi kwakulapha koJuni, nohlobo lwezimbali ezinuka kahle ezitshalwa ngasothangweni, noma imiqumbe uqhakaza. Futhi lapho kwakubukeka sengathi ngahamba ngiphuma, noma okuthize. Futhi nga—ngabona iNkosi uJesu, futhi ngabona itabernakele lami. Futhi Washo

kimi ukuthi leli kwakungesilo itabernakele lami; futhi wangibeka phansi kwesibhakabhaka. Abaningi benu bayawazi umbono, ngoba ubhalwe wakhishelwa encwadini, ngikholwa ukuthi sekungokwesine noma okwesihlanu uphind'ukhishwa uba yincwadi, owezincwadi ezicishe zibe yizinkulungwane eziyikhulu eziye zafakwa ngezilimi ezehlukene eziyishumi nesikhombisa. Futhi nje bhekisisani ukuthi lokho kufezeke kanjani, izwi ngezwi, akuzange nje neze kwehluleke! Ukuthi sihlangana kanjani ndawonye eqenjini labantu elincane elithandekayo, nokuthi iNkosi yasibusisa kanjani, bese-ke kusuka endaweni kuya endaweni, kodwa ekugcineni kungena emasimini evangeli, futhi kusezweni lonke manje, ukuthi kuhambe kanjani.

52 Nokuthi isikhathi sifike kanjani ukuthi—ukuthi lezizinto bezenzeke kanjani. Ukuthi izwe liyobaqongelela kanjani abafundisi, benokubatshwa yizindlebe, neQiniso liyonqatshwa futhi liphendulelwe ezinganekwaneni. Nokuthi-ke Washo kanjani ukuthi, "Shumayela iZwi. Hlala eZwini." Futhi uma noma yini engizame ukuyenza, ngukuhlala eZwini laPhakade likaNkulunkulu.

53 Siphila emahoreni okuvalwa kwalesisimiselo sezikhathi sezwe. Angiboni ukuthi bekungenzeka kanjani ukuthi noma ubani ubengabuka, ake abuke nje amaphephandaba, noma avule umsakazo, futhi angaphenduki. A—angikuboni. Ukuthi kanjani ukuthi nje sise—sesikhathini saphambi kokuba kubekhona into ethize enkulu elungela ukwenzeka. Ngisho nemvelo iyasikhombisa. Izwe liqala ukungenwa wuvalo. Liqhumisa izintabamlilo zalo, futhi li—linokuphelelwa ngamandla ngovalo. Ukuzamazama komhlaba okukhulu kuyazamazama futhi kwehlukanisa imigwaqo nezinto ezibonakala zesabeka zamasoso andizayo, nemicibisholo abangayiciba emhlabeni wonke, futhi ibhubhise, ishabalalise isizwe emizuzwini emihlanu. Sisesikhathini sokugcina. Kukhona into ethatha . . . Ayikho indlela yokuyivimbela. Ayikho indlela. Yinye kuphela indlela yokuphuma kuyo, futhi leyo iphezulu. Ayikho indlela yokuzama ukucasha. Ayikho indawo yokucasha yinye kuphela.

54 Njengoba amantombazanyana ayevamise ukucula lapha, ngenkathi ngisengumshumayeli osengumfana nje, ayevamise ukucula:

> Ayikho indawo yokucasha phansi lapha;
> Ngaya emadwaleni ukuba ngifihle ubuso bami,
> kodwa amadwala amemeza . . .
> Ayikho indawo yokucasha phansi lapha.

55 Kodwa ikhona iNdawo yokucasha. "IGama leNkosi lingumbhoshongo onamandla: olungileyo ubalekela kuwo, futhi baphephile." Siyajabula kakhulu ukuba naleNdawo yokucasha, ngesikhathi sokugcina.

56 Futhi lapho siqalaza futhi sibone lezizibonakaliso ezinkulu zinyakaza, nalemvuselelo ezayo, uma uNkulunkulu ethanda, ngifuna ukuhamba yonke indlela ngize ngiyongena kuGenesisi, futhi ngiveze lawomaphuzu amakhulu ethusayo, ukuthi, "Sisekupheleni. Silapha." Ngikholwa ukuthi lesisizukulwane esikhona, sisemhlabeni njengamanje, esizobona ukuFika kweNkosi uJesu. Nginamashumi amane-nesishiyagalombili. Ngingahle ngingakuboni. Angazi. Kungafika kusasa. Kodwa, ngikholwa ukuthi kukhona abanye lapha abayokubona ukuFika kwaLowo oLungileyo, ukuphela kwesikhathi. Futhi ngikholwa ukuthi cishe impela lonke iningi lethu, ikakhulukazi lowo okulelibandla kulokhu ukusa, abangasoze bafa ngokuguga, size sibone enye yezinto ezesabeka ukwedlula konke zenzeka, osekwake kwenzeka kubantu, okuzokwenzeka khona lapha kulesisizwe. Yiqiniso.

57 Mfowethu, sigxambuze sayedlula imincele yesihawu ngangokuthi akusekho lutho olusele ngaphandle kokwahlulelwa, kodwa abalungile abayikudingeka ukuba bajeziswe kanye nabangalungile. UNkulunkulu uyofika, noJesu uyohlenga iBandla laKhe, futhi siyokwenyukela emoyeni ukuhlangabezana naYe. Futhi Liyoba phambili kakhulu ngaleya kwanoma yimaphi amabhomu noma yiziphi izinkathazo, futhi siyovikelwa ngalesosikhathi.

58 Ngakho, bantwana, buyelani kuNkulunkulu wenu, masinya. Ningathandelani nezwe kunoma yini. Dedani kulelizwe lesimodeni. Dedani kulamasayense ezenkolo esimodeni. Nje bhekani iWundlu likaNkulunkulu. Fundani iBhayibheli lenu futhi nikhuleke, ngesikhathi sonke. Ningadinwa. Thokozani, nijabule, ngokuba ukuhlengwa kweBandla sekuyasondela, lapho siyoMbona khona Owasifelayo.

59 Indikimba yethu ewuhlobo oluthi ukuqondana nonyaka wanamhlanje. Ukuqala nje, umBhalo wokuqala, ebengiwufunda kuNumeri. Ubukhuluma ngabantu ababebizelwe ngaphandle kwesikhulu, isizwe esinamandla esasiseduzane, futhi bathola ukwehlulelwa kwabo.

60 Ngifuna niqonde ukuthi isono ngeke siyekwe singajeziswanga, kungakhathaleki, sisesizweni, noma ibandla, noma ikhaya, noma umuntu ngamunye. Isono kufanele kubhekwane naso phezu kwezisekelo zokwahlulelwa. Ayikho enye indlela. Singeke senza ukubuyisana, uthi, "Ngenze iphutha, manje ngizokwenza okuhle." Lokho ngeke kusebenze. Ngeke wenze ukubuyisana, ngokwakho, ngoba ukubuyisana sekuvele kwenziwe.

61 Kungukuvuma, ukuthi usephutheni, bese-ke uza futhi uqondiswe.

62 Ngakho, isono kufanele kubhekwane naso, futhi uNkulunkulu njalo ubhekana nesono ngokwahlulela. Yingakho

iNkosi yethu yafa ukufa Eyakufayo, eKalvari, yingoba isono sasiyinto embi kabi, ukuthi ukwahlulelwa kwesono kwabekwa phezu kwaYo. Ukuthi labo abafisayo, bakwazi ukukhululwa, ngokukholwa kuYo nokuYemukela njengomthwali wesono sabo. Hhayi ukuthi singababahle kanjani, kodwa ukuthi sikholwa futhi siYemukela kanjani. Futhi uma siYemukela, Ingena enhliziyweni yethu, futhi ilapho ingxenye enhle. Ayikho ekutheni singenzani; isekutheni Yona yenzeni, nalokho Esenzele khona. Yilapho, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu, nesijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo; nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina."

63 Manje, lababantu babekade besezansi eGibithe iminyaka engamakhulu amane. Futhi sonke siyakwazi ukwehla okukhulu kwabantwana bakwaIsrayeli, nokuthi kanjani lokho, ezansi lapho, uNkulunkulu wayebanikele kwabaseGibhithe. Futhi babebaphathe kabi, ngoba iZwi likaNkulunkulu lathi bayokwenza lokho.

64 Manje, uNkulunkulu wethembisa uAbrahama, iminyaka engamakhulu amane, ukuthi abantu bakhe bayogogobala ezweni labezizwe. Futhi ngenkathi isikhathi sesithembiso sesisondela, uNkulunkulu unayo yonke into imi ilungele ukuhlangabezana.

65 O, ngiyakuthanda nje lokho, uma ngicabanga ngalokho. Esikhathini nje esibucayi! Akephuzile nangomzuzu owodwa. Uhlala njalo ekuso nje isikhathi. Uma nje singafana nalokho! O, sizama ukuyiphusha into. Sizama ukuyenza ibe yisikhathi sethu. Kodwa ngeke neze sakwenza lokho. UNkulunkulu ukwenza nje kube ngesikhathi saKhe. Ngeke sakwenza nangakuphi ukwehluka.

66 Izolo, ngimi eyadini elingemuva lika—kadadewethu esakhelene naye, uDadewethu Woods, sasiqaphelisisa umfece omncane owawubumbuke esihlahleni. Nomoya wawuphephula uwuyisa emuva naphambili. Futhi wayexoxa ngawo, ukuthi, kwi Streams Of The Deserts, ngiyakholwa, futhi ukuthi wayefunda udatshana mayelana nomfece. Yisibungu esincane esihamba phakathi lapho futhi sibumba igobolondo elincane uzisongolezele kuso, ukusigcina sibanda. Futhi, kodwa uma sekufika isikhathi soku . . .

67 Lomuntu owayesebenzana nomfo omncane, babona umfece omncane uhamba futhi ushobishobiza. Futhi bamdabukela umfo omncane, ngakho bacabanga ukuthi bazovele nje basike ngasekugcineni kwawo bese bededela isilwanyakazana esincane siphume. Ngoba, uma ephuma lapho, wayezoba namaphiko. Wangena njengesilwanyakazana, noma isibungu esincane, uphuma esenamaphiko, esimweni esesithi asibe senkazimulweni kakhulu impela. Futhi lapho esashobiza, futhi edonsa, futhi edluthula, futhi eshaya, futhi eluma, futhi ezama ukuphuma

emfeceni, bamdabukela. Ngakho bacabanga ukuthi babezovele nje bamnike indlela enqamlelayo, ngakho bahamba balanda isikelo base besika ngasekugcineni kwawo. Futhi ngenkathi sebesika ngasekugcineni, isilwanyakazana siyaphuma. Kodwa asizange sibe kahle, ngoba sasingenamandla emzimbeni waso. Sasingena . . . Asikwazanga ukusebenzisa amaphiko aso.

68 Futhi ngicabanga ukuthi yileyondlela esizame ngayo ukuphindaphinda, uthi, "Yehlela ealtare!" Futhi—futhi usho *lokhu, lokho,* noma *okunye,* nokuzama ukubuyisela abantu kuNkulunkulu, noma bangene ebandleni, noma ukuza kuKristu. Nje badedele bakukhiphe ngokuthi buu-huu. Yilokho kuphela. Zenzele indlela yakho nje uphume kukho. Yilokho kuphela. Uma uzama ukubanika indlela enqam'lelayo, abakwazi neze ukuma. Ngithanda nje ukubabona bezabalaza futhi bekusebenza uNkulunkulu aze abanike ukuZalwa kwangempela, ngendlela yemvelo, nje abanike ukuZalwa kwangempela. Nje . . .

Abantu bathi, "Awu, s'thandwa, ngicabanga ukuthi usukhuleke kwenela."

69 Hlala lapho nje uze ulungele ukundiza. Yileyonto kuphela. UNkulunkulu unendlela yokukwenza.

70 "O, awu, uma ufuna ukuba muhle, hamba nje uye ngale ukuba uyojoyina ibandla. Umama wayesonta ebandleni elifanayo."

71 Lokho kungaba kuhle nje. Kodwa, uyazi, kuthatha ukufa ukuletha ukuphila. Futhi sifanele sife, kuze, kube yilesosikhathi, sife ngangokuthi kungaba khona ukuPhila okusha okungenayo. Khona-ke amaphiko ethu ayoba nokusiza okukhulu; nesehlakalo sethu—sethu, esinaso, siyoba nokusiza okukhulu kwabanye nakithi uqobo.

72 UIsrayeli wayengakakulungeli. Kodwa uNkulunkulu wayeselungele. Futhi wayenengane encane ezelweyo, egama linguMose. Futhi wayekhona khona lapho, eneminyaka engamashumi amane, ukuba akhiphe abantwana, kodwa uIsrayeli wayengakakulungeli. Futhi ngesizathu sokuthi babengakalungeli, khona-ke bafanele basebenze ngokukhandleka kwadonsa iminyaka engamashumi amabili, noma kwadonsa iminyaka engamashumi amane, kwakuyiyo. Kwadonsa iminyaka engamashumi amane, bafanele ba—basebenze ngokukhathazayo, ezansi eGibhithe. Kanti, babezokwazi ukuphuma, iminyaka engamashumi amane ngaphambi kwalokho, ukuba nje babekade bekulungele.

73 UNkulunkulu wayeselungele, ngoba isikhathi sesithembiso sasesisondele. UNkulunkulu wathumela iNgelosi phansi emhlabeni, ukwenza abantu balungele, ukugcwalisa iZwi laKhe, ngokuba uNkulunkulu njalo uyaligcina iZwi laKhe. Wathi kuMose, "Ngizibonile izinhlupheko zabantu baMi, futhi Ngikuzwile ukububula kwabo nokukhala kwabo ngenxa

yabacindezeli babo. Futhi Ngikhumbulile. Ngilikhumbulile iZwi laMi, isithembiso saMi." Kwase kwedlule iminyaka engamakhulu amane, kodwa uNkulunkulu wayesalikhumbula iZwi laKhe.

74 Cishe impela iminyaka eyizinkulungwane ezimbili isidlule, kodwa uNkulunkulu usalikhumbula iZwi laKhe. "Ngobuya futhi nginamukele kiMi uqobo; ukuthi lapho Ngikhona mina, nibekhona nani." Futhi ngikholwa ukuthi isikhathi sesithembiso siyasondela.

75 Qaphelani. Njengoba Wayekhuluma futhi eselungele, futhi iminyaka engamakhulu amane yase yedlule, noNkulunkulu wayengaso impela isikhathi neZwi laKhe. Manje-ke sithola ukuthi . . . emva kokudonsa iminyaka engamashumi amane.

76 Futhi ngingahle ngime lapha ukuba nje ngisho lamazwi. Manje ningangicaphuna, ngoba ngiyazi ukuthi kungena eteyipini emuva laphaya. Ngikholwa ukuthi si . . . UkuFika kweNkosi uJesu kufanele ngabe sekwenzeka kudala. Ngikholwa ukuthi kufanele ngabe kade kwenzeka kudala. Kodwa, kungenxa yeBandla, alilungele ukuhlangana naYe.

77 Manje, uma nizoqaphela, Wathi, "Njengokuba kwenzeka emihleni kaNowa." Emihleni kaNowa, ngaphambi kukazamcolo, ukuthi kwakuzobanjani. NoNkulunkulu wayengathandi ukuba kubhubhe noma ubani. Kepha ukuba bonke beze ekuphendukeni, Wayesebekezela-ke. Isigaba sikazamcolo sasifanele ngabe sasesedlula kudala. Ezansi eGibhithe, kwakufanele ngabe sekwenzeka kudala. Niyakuthola na? Ekubhujisweni kwezwe lasemandulo ngaphambi kukazamcolo manje isikhathi okwakufanele kwenzeke ngaso sasesedlula kudala, ukubhujiswa ekwahlulelweni. Nokuphuma eGibhithe; isikhathi okwakufanele kwenzeke ngaso sasesedlula kudala, sekweqe isikhathi esiyiminyaka engamashumi amane.

78 Kodwa uNkulunkulu wayephokophelele. UNkulunkulu wayephokophelele ukuthi iZwi laKhe lalingeke libuyele kuYe. Wayezoligcina iZwi laKhe. Udingeka Aligcine iZwi laKhe. Ufanele akwenze, ukuze abe nguNkulunkulu. Uma Ezokwenza u—uguquko lwezinto zonke, futhi, ngomusa Uzokwenza.

79 Yingalesosizathu ngithi . . . uma iBandla Lingazilungisele. Lowo ngumsebenzi wakho ofanele uwenze, ukuba uzilungisele. "UMlobokazi Uzilungisele." Ingubo isikhokhelwe. Sebelungisele, kodwa nifanele nizilungisele ukwembatha lezozingubo. "IBandla Lizilungisele."

80 Manje, bazalwane, lalelani. Uma iBandla lingazilungiseli, uNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe. Uma lababantu bobungcwele bengaziqondisi bona, futhi babuyele emahhanisini futhi, babuyele eVangelini, uNkulunkulu uyovusa e . . . Angaletha amaKatolika, amaPresbyterians, noma yini Afisa ukuyenza. Uyoyenza.

81 Emavikini ambalwa edlule, eLima, eOhio. Abaningi, abanye benu, bahlezi lapha manje, owayekhona. Phakathi kwePresbyterian, iBaptisti, neMethodisti, bathutheleka ealtare. Bemukela futhi basabela eVangelini, kangcono kakhulu, kangcono kakhulu kunoma, izikhathi eziningi, kwenza abantu bobungcwele. Sisanda kukuthola nje engqondweni yethu, ukuthi sibizwa ngeGama laKhe elingcwele, futhi sikuyeke kuhambe kanjalo. Kusho okukhulu ukwedlula ukubizwa ngeGama laKhe. Kusho ukuphilela Yena Owafela wena. Ngukuphila, impilo ehlukaniselwe uNkulunkulu. O, sidinga kanjani, ukubuyela eBhayibhelini!

82 Lapha ebusukwini obumbalwa obedlule, ngangisho kumaLuthela, lapho . . . emhlanganweni enhla lapho. Manje bavele bathi nje, "Sinike amanye amakholiji amahlanu njengaleli, lalawo maLuthela, angamashumi ayisikhombisa-nanye awo emukela uMoya oNgcwele ngalolosuku ekholiji," ngenkathi ngilapho. Bathi, "Sinike ezinye izikole ezinhlanu ezinjalo, neNkosi ilibala iminyaka eyishumi, sizoba nalo lonke ibandla eligcwaliswe ngoMoya oNgcwele." O, he! Impela.

83 UNkulunkulu unamandla, ngalawamatshe! Uzoba neBandla elethulwayo, elingenachashazi, noma umbimbi, noma isici. Umusa waKhe wenele konke, futhi Angenza okwedlulele konke, kakhulu.

84 Futhi ngasho, lapha esikhathini esingeside esedlule, amaLuthela ayenakho ukukhanya kwethoshi ezweni. Kwenzekani na? Uma naningukukhanya kwezwe, ninabantu eningamaLuthela, ngesinye isikhathi, enguqukweni yokuqala, Kwenzekani ekukhanyeni kwenu na? Ini, ngabe lacima na? Yingalesisizathu lacima, yingoba nashiya iZwi likaNkulunkulu. Nakholwa ukuthi, "Olungileyo uzakuphila ngokukholwa," okuyiQiniso ngokoqobo. Kodwa kukhona okungaphezulu kwalokho, "Olungileyo uzakuphila ukukholwa."

85 Bese-ke kufika iMethodisti. Bona, ninabantu beMethodisti, nacosha ukukhanya kwethoshi lokungacweliswa, futhi nakubamba ukukhanya kwethoshi lemvuselelo enkulu. Konke lokho kuqinisile. Kodwa, kwenzekani, kwenzekani ebandleni leMethodisti na? Yingoba nadedela ukukhanya kwacima. Yilokho okwenzekayo. Futhi nashumayela ukungcweliswa, umsebenzi wesibili oqinisekileyo womusa, ovumayo, iQiniso, ngeBhayibheli, kodwa nje nakudedela kulokho.

86 Kwase-ke kufika amaPentecostal, nokubuyiselwa kweziphiwo. Futhi nakhuluma ngezilimi, nase-ke nenza imfundiso ngalokho. Kwase kwenzekani-ke? Ukukhanya kwenu kucimile. Yin'indaba na? Yingoba niyehluleka ukuhlala neZwi.

87 IZwi likaNkulunkulu esilisombululayo, futhi sifanele sisombulule njengoba iZwi likaNkulunkulu lisombulula.

88 Njengoba isikhathi sisombulula, isayense isombulula. Futhi uma izwe lemvelo...Lomuntu ungumuntu ofanayo nalowo owayenguye eminyakeni eyizinkulungwane eziyisithupha eyedlula, ngenkathi uNkulunkulu emenza. Useyisihlakaniphi esifanayo. Usengubuhlakani obufanayo. Usengumuntu ofanayo nje, nemizwa emihlanu efanayo, ayeyikho eminyakeni eyizinkulungwane eyadlula. Kodwa bukani ukuthi-nqubekela phambili yini aseyenzile eminyakeni engamashumi amahlanu eyedlula. Bukani ukuthi leyondodana kaNkulunkulu ewileyo yenzeni. Isungule izimoto, nomsakazo, nezibani zikagesi, namabhomu ama-atomu, namabhanoyi angamajeti. Bukani ukuthi kushesha kanjani. Amakhasi aphenyeka ngokushesha esayenseni.

89 Kodwa sizama ukulibala emuva esivumwenikholo esidala sebandla, futhi sime lapho, kanti uNkulunkulu usifuna sisombulule iZwi. Siphila osukwini lokugcina. Siphila esikhathini lapho khona iBandla likaNkulunkulu elikhulu elihle belifanele lime ngezinyawo zaLo, likhanya njengoMnduze wesiGodi.

90 Kodwa sisemuva, abanye, "Awu, ngisonta ePresbyterian, iMethodisti, iPentecostal. Ngiyi *lokhu,* noma *lokho*." O, ihlazo elinje pho!

91 Sifanele ngabe siyasombulula; uMoya kaNkulunkulu uthulula. Hhayi nje ukuphophoza okukodwa okuncane, hhayi umbhaphathizo owodwa omncane; kodwa, umbhaphathizo emva kombhaphathizo! Hhayi isambulo, "olungileyo uzakuphila ngokukholwa," noma, "ukungcweliswa," noma, "iziphiwo zikaMoya." Kodwa, isambulo emva kwesambulo, amandla emva kwamandla, inkazimulo emva kwenkazimulo! Ngani, besifanele engabe siphezulu le emgwaqeni, sesilungele ukuguqulwa. Futhi silibala emuva ezansi ezintweni ezindala, futhi sithi, "Awu?" Siqhubeka nokubuyela emuva. Asiye phambili!

92 LawomaHeberu athi, "Manje, lapha, sondliwa kahle kakhulu, nakuba sisebenza kanzima. Futhi manje sesizitholile izinto esinazo, sinamabhodwe kagaliga, kanjalonjalo, ngakho aseneliseke."

93 Kodwa, uMose wayenesambulo. Wayekade eseBukhoneni bukaNkulunkulu. Wayenenye into. Wabuyela emuva wase ebakhombisa ukuthi yena impela uNkulunkulu owayekhona eminyakeni eminingi engamakhulu ngaphambi kwalokho, wayenguNkulunkulu ofanayo impela. Futhi Wenze izibonakaliso nezimanga phambi kwabo, ukufakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu ofanayo impela.

94 O, malibusiswe iGama laKhe! "Ungonguye izolo, namuhla, naphakade." Izimiselo zezikhathi ziyaguquka, izikhathi ziyaguquka, abantu bayaguquka. Kodwa, uNkulunkulu uhlala enguye. Ufanele afane, ngaso sonke isikhathi. IZwi laKhe

liyiQiniso eliPhakade. Angeke ahluka kuLo, kwesokudla noma kwesokunxele. Ufanele ahlale efana.

95 Manje-ke siyathola ukuthi kwenzekani. Nangu eza uMose ehla, enezibonakaliso. "Kade ngiseBukhoneni bukaNkulunkulu. Ngibone uNkulunkulu, noNkulunkulu wenze izinto ezinkulu." Wenza isenzo sokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Wenza esinye isenzo, njengesimangaliso. Futhi wabakhombisa ukuthi yena impela ukuthi uNkulunkulu waseZulwini wayebonakale kuye. Emva kwamakhulu eminyaka yomuntu ongaphezu kwemvelo seyaphela, wakhombisa ukuthi uNkulunkulu wayesaphila.

96 NoNkulunkulu wayemthumile, wayesethi, "Hamba ubatshele ukuthi u 'NGINGUYE' ukuthumile." Hhayi "Nganginguye" noma "Ngiyoba nguye." "NGINGUYE," inkathi yamanje! Akasuye u "Nganginguye."

97 Abantu bangamusho kanjani uNkulunkulu, futhi bathi, "Izinsuku zezimangaliso zedlule, nokuphilisa ngokukaNkulunkulu nazo zonke izibusiso azisekho," futhi usasho ukuthi, "UnguNkulunkulu ophilayo, no NGINGUYE"? Uma Engu "NGINGUYE," Unguye ngempela nje njengoba Wayenjalo esihlahleni esivuthayo.

98 LeloGama elikhulu Abonakala ngalo, akukho-sifundiswa esikhuu namanje esesike sakwazi ukulihumusha, J-v-h-u. Akukho-noyedwa . . . Balibiza ngo "Jehova," kodwa kwakungesilo. Akekho-noyedwa ongalihumusha.

99 Ngani na? YiLowo OngowaPhakade. Amen. [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kanye—Umhl.] Uhlala ekuKhanyeni. Uhlala ePhakadeni. Uhlala ekungafini; ongunaphakade u "NGINGUYE." Haleluya!

100 Ukukholwa kwami kuhlala kuleloDwala eliqinile. Akukho okungake kulimaze uma ugxilise okwehange kuleyoNdawo. Iziphepho zingazamazamisa futhi zikushaye, kodwa ihange lami libambelela phakathi neveli. Uma owesilisa noma owesifazane egxilise okwehange futhi wakwemukela. Akukho lutho okungake kuze kukuzamazamise kukususe kukho.

101 Njengoba nje isikhathi sabo sasingesokukhululwa, futhi behluleka ukusibona, kanjalo yisikhathi sokukhululwa, iziyalo zokumasha kweBandla. Sekuseduze.

102 Buka, mngane wami. Babenani na? Okokuqala, iZwi. Okwesibili, umprofethi. Okwesithathu, iNgelosi ukuba ibahole, ukuba ibakhaphe. Zonke zavumelana; zontathu. IZwi lavumelana nomprofethi; nomprofethi wavumelana neZwi; iNgelosi yavumelana nazozonke zontathu, zonke. IZwi; umprofethi; iNgelosi! Base belungele ukumasha.

103 O, alibusiswe iGama leNkosi uNkulunkulu! [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kanye—Umhl.] Sisesikhathini sokugcina; iZwi, umprofethi, neNgelosi, zonke zontathu

ndawonye, ubufakazi obubodwa obukhulu. UNkulunkulu njalo wathi, “Ngomlomo wawofakazi ababili noma abathathu, onke amazwi mawaqiniswe.” Nomprofethi weqiniso uyohlala njalo evumelana neZwi; futhi noma yiyiphi iNgelosi iyofakaza iQiniso. Amen. Sesilungele iziyalo zokumasha. Impela.

104 Futhi Wabakhipha abantu. Sebesendleleni benyuka, baqala ukuhlubuka umprofethi, nokumelana neNgelosi, nokumelana noNkulunkulu, nanokumelana neZwi. Futhi bangena enkathazweni. IBhayibheli lathi, “kwakukhona ingxubevange eyahamba nabo.” Ingxubevange yaphuma.

105 Kwakuyini na? Okungaphezu kwemvelo kwakwenziwe. Kwakukade kukhona izimangaliso nezimanga. Noma yimuphi umuntu, noma yisiphi isidalwa esingumuntu, siyalangazelela ukubona emva kwekhethini lapho esivela khona, nalapho esiyoya khona ngolunye usuku. Siyalangazelela ukubona emva kwekhethini. Kodwa, isikhathi esiningi, uma izenzo ezingaphezu kwemvelo sesenziwe, khona-ke kubakhona ingxubevange ehambayo.

106 Yilokho okwenzekayo ngezinsuku zikaLuther. Ngenkathi ingxube. . . UNkulunkulu ubezama ukubakhipha selokhu kwaba yilolosuku. Nasezinsukwini zikaLuther, “Olungileyo uzakuphila ngokukholwa.” Bakunambitha, futhi bakuzama, futhi bathola ukuthi kunjalo. Ingxubevange yahamba. Futhi kwathi nje uLuther angahamba, kwenzekani na? Bahlela ibandla base benza inqubo enkulu yobushumayeli. Futhi ngenkathi bekwenza, ibandla labuyela emuva eshalofini.

107 Kwase kufika uJohn Wesley, omunye wamakhulu, amaqhawe anamandla onyaka ophakathi nendawo. Futhi waphuma wathi gelekeqe futhi walishaya indiva ibandla laseSheshi, futhi walishaya indiva ibandla eliKatolika, futhi walishaya indiva izwe, ukuthi, “UNkulunkulu ongcwele wathi, ‘Abantu bafanele bahlale bengcwele!’” Futhi wahlala esithembisweni saKhe, sesithembiso sikaNkulunkulu, futhi waletha isimangaliso. Kwenzekani na? Ingxubevange yaqala naye. Futhi ngenkathi uWesley ehamba, khona-ke ingxubevange iyangena. Futhi yenzeni na? Yonakalisa ibandla, kwaze kwathi abaningi babo ngeke babenawo ngisho amaculo acula nge “Gazi” ezincwadini zabo zamahubo. Impela.

108 Awu emva kwalokho kufika iPentecostal, nePentecostal iqala ukuthola iziphiwo. Kwathi nje bangafika eziphiweni, into yokuqala. . . Isiphiwo esincane kunazo zonke eqoqweni lonke nguku “khuluma ngezilimi.” Leso ngesokugcina nesincane kunazo zonke. UNkulunkulu wabaqala ngezinto zezimfundamakhwela, futhi babengakwazi ngisho nokubamba lokho.

109 Bukani lapha. Isiphiwo sokuqala, ohlwini lweziphiwo, ngukuhlakanipha; esesibili; ukwazi. Futhi uma

ungenakuhlakanipha, wazi kanjani ukuthi kufanele kwenziweni ngokwazi na? Funani izinto ezedlula zonke kuqala, ukuhlakanipha. Futhi uma ningenakho ukuhlakanipha, ningenzani ngokwazi, noma ukukhuluma ngezilimi, noma lezi ezinye izinto na? Kuthatha ukuhlakanipha. Kuthatha uku *hlakanipha* kukaNkulunkulu. USolomoni wathi, "Kubize ngomama wakho." Kunjalo.

110 Kodwa benzani na? AmaPentecostal emukela ukukhuluma ngezilimi, futhi enza ihlelo ngakho. Futhi ahamba, athi, "YiLo leli." Impela, akwenza. Nengxubevange yahamba nawo.

111 Futhi, namhlanje, kwenzekeni kumaPentecostal na? Kukhona imibango emibili yawo. Elinye lawo libanda ngokufanayo nje, futhi liyilo ngegama nje, futhi lil'khuni, futhi linesitashi, ngakho konke ayikho. Nelinye lilandela ezinkulu izixheke zezimfundiso ezigqamileyo; amafutha ehlayo negazi eliphuma ezandleni zabo, nakho konke okunye, izwe lonke, futhi bakubiza ngezibonakaliso zokuthi unoMoya oNgcwele; namaxoxo, nezibankwa, nezinto, kugxuma kuphuma kubantu, bese-ke bekufaka ezintweni ezisasipiriti, kanjalonjalo. Noma ubani uyazi idemoni alinawo umzimba wangempela.

112 Futhi uma iGazi likaJesu Kristu laconsa kumuntu, kwakungumzimba wangempela, ukuthi uKristu usefikile vele; futhi kuyiphutha, ke.

113 IBhayibheli lasho, uma uJesu esefika, ukuthi, "Onke amadolo ayokhothoma, nezilimi zonke ziyovuma." Uyoba . . . "UkuFika kwaKhe kuyofana nokukhanya okuvela empumalanga kuye ngisho nasentshonalanga, kuyakuba njalo ukufika kweNdodana yomuntu. Onke amadolo ayokhothama, nezilimi zonke ziyovuma." Siyazi ukuthi lokho kuqinisile.

114 Manje-ke, uma sibona lezozinto zenzeka, uma sibona lezozinto zifezeka, khona-ke siyazi ukuthi kukhona ingxubevange ephume nabantu. Emva kwesikhashana, omunye umbango uba le ngale kolunye uhlangothi, omunye uba le ngale kolunye uhlangothi. Futhi nanso ingxubevange yakho. Nakho okwakho ophendula ngakho futhi. Uza lapho-ke.

115 Futhi ngenkathi kwenza kanjalo, bafika endaweni yaseKadeshi-barineya. Futhi ngenkathi befika eKadeshi-barineya, leso kwakuyisihlalo sokwahlulela lapho izivivinyo zifanele zixazululwe khona.

116 O, ukuba nje kuphela beningakuqonda, bandla elincane! Manje nakhu lapho esifuna khona ukumpintsha okwesikhashana nje. Manje lalelisisani. IKadeshi-barineya yayiyisikhathi sokuhlolwa. Futhi wonk'umuntwana oza kuNkulunkulu uzofanele ahlolwe. Akukho kushiya-muntu ngaphandle, nhlobo. UNkulunkulu uhlola futhi avivinye wonk'umntwana oza kuYe. Kunjalo na? [Ibandla lithi,

"Amen."—Umhl.] IBhayibheli lathi banjalo. Futhi, njengoba, siqaphela manje uma kufika lezozivivinyo, nokuhlolwa.

117 Kukhona izikhathi zokuhlolwa esifikela izizwe. Manje, ngisho lokhu, angisuye usombusazwe. UNkulunkulu uphethe isizwe saKhe uqobo. Akaziphathi lezizizwe; uDeveli uphethe lezi. Zonke, iBhayibheli lathi ziphethwe nguye. UDeveli usebenza zonke izizwe. Qaphelani uma isikhathi sokuhlolwa sezizwe sifika.

118 Ngenkathi kufika isikhathi sokuhlolwa kukaIsrayeli, wehluleka. Futhi, ngenkathi ekwenza, uNkulunkulu wamnikela eBabiloni. Njengesizwe, wehluleka.

Futhi ngenkathi kufika isikhathi sokuhlolwa kweRoma, lehluleka.

Ngenkathi kufika isikhathi seGrisi, yehluleka.

Ngenkathi kufika isikhathi sokuhlolwa kweFransi, yehluleka.

Ngenkathi kufika isikhathi sokuhlolwa kweRashiya, yehluleka.

119 Lalelani. Futhi ngikusho lokhu ngenhliziyo enenhlonipho kuNkulunkulu. Isikhathi sokuhlolwa sifikile seMelika, futhi yehlulekile. IVangeli lishunyayelwe kusukela empumalanga kuya entshonalanga, ukusuka enyakatho kuya eningizimu. Bafunisise kuzozonke izindawo ezincane, nomfantu nekhona. Kuphume izimvuselelo ezinkulu, ezikaBilly Graham nezikaJack Schuler, nezikaOral Robert. Futhi ba, o, amakhulu nje abo, ufunisise yonke imifantu emincane namakhona. UDeveli uphose itelevishini ngaleya, uNkulunkulu wase-ke ekusebenza ngenye indlela ukuphosa abantu kutelevishini; futhi sonke isidakwa ebhareni, kumbe noma sikuphi, sizoma singenazaba. Yebo, mnumzane. Isikhathi sokuhlolwa sesifikile. Nganitshelani ngikulelipulpiti na? "Ngonyaka odlule na? IMelika yenza iphutha layo eluwukufa." Ngathi, "Iphutha eliwukufa!" Impela yalenza.

120 Futhi bukani ukuthi yenzani manje. Niyakubona ezindabeni zikahulumeni. Bazama ukuwela ngqo bese behhukana nama-Arabu. Anazi yini? IZwi likaNkulunkulu lathi, "Oke aqalekise uIsrayeli uyoqalikiswa." Impela.

121 Ngima noIsrayeli. "Thathani umhlabathi wethu." Bayowuthatha. Ngempela.

122 Benza into engafanele. Impela, benza yona. Mfowethu, buka zonke izizwe ezaphendukela uJuda; zacwila. Bukani i—bukani iJalimane ngenkathi iphendukela iJuda, futhi bashisa imizimba emaziko ashisa kube ngumlotha; futhi bukani ukuthi linjani namhlanje. Bukani i-Itali, eyaphendukela amaJuda, ngenkathi uMossolini ewakhipha ewaxosha eItali; ibukeni namhlanje. Ukuba besingabondlanga, bebeyobulawa yindlala.

123 Futhi nanti iVangeli lifika futhi linikeza ubizo lwesihawu ezizweni zonke, iminyaka, futhi silenqabile. Futhi manje kusebenza, uDeveli ethatha isihlalo sakhe, uphendula izinhliziyo zalamadoda ezombusazwe ukuba zimelane noIsrayeli, Futhi abheka phezulu ngaphesheya ngaleya kuma-Arabu. Mfowethu, kufana nokuthi asisekho. Kunjalo. Sizocwila, njengezwe impela.

124 Ngiyasithanda isizwe sakithi. Ngiyasithanda, ngalokho esikumeleyo. Kodwa, mfowethu, ngithanda iNkosi yami ngaphezu kwezinto zonke. Futhi ngithanda ukubona isizwe sakithi siguqe ngamadolo aso, kodwa ngiyesaba asisoze sakwenza. Sisesikhathini sokugcina. Kwenzekani na? Ingxubevange yangena.

125 Bhekisisani amabandla akithi, eminyakeni embalwa edlule, ngenkathi benamabandla obungcwele ayifeshini endala, ngenkathi bemela uNkulunkulu nokulunga, ngenkathi abesifazane besagqoka futhi baziphathise okwamanenekazi, ngenkathi abesilisa besagqoka futhi baziphathise okwabesilisa, ngenkathi abantu beya enkonzweni ngeSonto ekuseni, ngenkathi besenemihlangano yemikhuleko yobusuku bonke, ngenkathi besenohlobo lwefeshini endala. Babenemvuselelo yangempela. UNkulunkulu wayebusisa. Wanquma zonke izitha phambi kwabo. Babehamba beqhubeka. Kodwa lapho isigaxa sika-Akani singena ekamu, akusalanga lutho ngaphandle kwembubhiso. Sisezwini lethu, uNkulunkulu . . . sendleleni yethu. UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe.

126 Isikhathi sokuhlolwa siyafika. Isikhathi sokuhlolwa sifikela ibandla lamaLuthela. Isikhathi sokuhlolwa sifikela ibandla lamaMethodisti. Isikhathi sokuhlolwa sifikela ibandla lamaPentecostal. Sifikela amabandla onke. Sifikela umuntu wonke. Isikhathi sokuhlolwa.

127 Futhi yinye kuphela indlela ongaze wazi ngayo ukuthi uhamba kahle: hlala nemephu kaNkulunkulu yaPhakade. Hlala neZwi. Okushiwo nguNkulunkulu, thana, "Lokho kuqinisile." Ungathathi lutho okungaphansi noma lutho okungaphezulu. Kungani sifanele sibe nezibambiso za *lokhu, lokho* no *kunye,* kanti iZwi likaNkulunkulu ligcwele izithembiso na? Yebo, mnumzane. Asidingi-kuthatha izibambiso. *Leli* yiQiniso. UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. Kungabinandaba ukuthi lingabonakala Lingenamqondo kangakanani, uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe, noma ikanjani. Wakwenza impela.

128 Wayeyoke athini umkhulu wakho ukuba ukhokho wakho wayemtshele ukuthi kwakuyofika isikhathi lapho amakalishi eyohamba emgwaqeni engenamahhashi na? Wayengamhleka, mhlawumbe. Kodwa, akhona. Kunjalo.

129 Kuthiwani ngalezi ezinye izinto ezazizokwenzeka, lapho zonke leziziprofetho ezinkulu senzekile na? Kodwa, sikhona.

130 Futhi ngolunye usuku uJesu uyofika, lobobukhosi obukhazimulayo beNdodana kaNkulunkulu. Wethembisa ukuthi Wayezokwenza. Wethembisa ukuthi wayezosehlulela isono. [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kabili—Umhl.] Mfowethu, kuyoba phakathi kokuthi wemukela umhlatshelo wesono ohlinzekwe nguNkulunkulu, kungenjalo uyokumela wedwa ekwaHlulelweni; isizwe, ibandla, noma umuntu ngamunye. Isikhathi sokuhlolwa!

131 Bhekisisani bathuma omunye, beyishumi nambili, ukuthola ukuthi babezothini. Ishumi labo liyabuya, lathi, "O, ngeke sikwazi ukukwenza! Akunakwenzeka. Nje ngeke sakwenza."

132 Kodwa uKalebi noJoshuwa abadadlana, bakhwela esigodweni, bathi, "Singakwenza. Sinamandla okukwenza."

133 Ngani na? Kuya ngokuthi ubukani. Uma ubuka ngaphandle. "Ngabe kubukeka ngalendlela? Ngabe kubukeka . . ." Ningabuki lokho okushiwo ngabantu, kumbe noma yini enye. Uma kuphambene neZwi likaNkulunkulu, hlala neZwi.

134 UNkulunkulu wabethembisa lelozwe. Yilokho uKalebi nabanye wayebeka amathemba abo kukho.

135 Fundani iNcwadi kaDutoronomi, nibone ukuthi uMose wabaqondisa kanjani. Wathi, "Ngenze *lokhu*, futhi ngenza *lokho*. NoNkulunkulu wenza *lokhu*, futhi washo *lokhu*. Kodwa anangakwenza." UNkulunkulu uhlala nesithembiso saKhe.

136 O, ngezinye izikhathi kubonakala kul'khuni. Manje, ngifuna nilalele lokhu. Kungokul'khuni . . . Yimpi.

137 Ezansi le eGibhithe, uNkulunkulu wathi, "Ngilinike nina lelozwe, nakho konke lokho okukulo." Manje, Akazange nje athi, "Ngizoniqukula, nginikhuphulele lapho bese nginihlalisa phansi." Babefanele balwele lonke iyintshi lomhlaba ababenawo.

138 UNkulunkulu, ngenkathi Eyala uJoshuwa lapho, Wathi, "Yima isibindi; ungesabi, kanjalo ungabi-naluvalo: ngokuba iNkosi uNkulunkulu wakho unawe nomaphi lapho uya khona." [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kabili.—Umhl.]

139 "INkosi uNkulunkulu wakho inawe noma uyaphi." Akunandaba ukuthi kuyini, ukuthi kul'khuni kanjani, ukuthi isithiyo sikhulu kanjani, lokho akunandaba. Uma kuphansi esigodini sethunzi lokufa, "INkosi uNkulunkulu wakho inawe noma uyaphi."

140 O, uJoshuwa wayembiza kanjani uIsrayeli abuthane ndawonye, wathi, "Yimani lapha bese nibheka inkazimulo kaNkulunkulu." UNkulunkulu uneZwi laKhe. UNkulunkulu wenza isithembiso. UNkulunkulu wathi kuJoshuwa, "Yonke indawo amathe onyawo lwenu olunyathela kuyo, leyo ngeyenu. Ngiyinika nina. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Amen.

141 Kungokwensindiso, kungokokuphilisa kukaNkulunkulu, kungokwesithembiso esiningi, kungokwe . . . ? . . . kungokwanoma yini uNkulunkulu ayethembisa, kwenza amanyathelo! Amen. "Yonke indawo amathe onyawo lwenu anyathela kuyo, leyo Ngiyinike nina ukuba niyidle." UNkulunkulu wakwethembisa. UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. IZwi likaNkulunkulu liqinisile kuze kube phakade. Ngiyalikholwa. NiyaLikholwa. Bafowethu, sekuyisikhathi sokuba senze amanyathelo onyawo. Ngeke sahlala lapha kulelikamu elifanayo. UMlilo uya phambili. Asiye phambili, sisuka enkazimulweni siye enkazimulweni, ukusuka esehlakalweni seBhayibheli kuya esehlakalweni seBhayibheli. Asisombulule futhi sivule izinhliziyo zethu, siphakamisele izandla zethu kuNkulunkulu. Sigcine ukuhlakanipha; sihlale eBhayibhelini. Ningaphumeli ngaphandle kwaLokho. Hlalani khona Lapho.

142 Landelani! SinomProfethi kaNkulunkulu; sineZwi likaNkulunkulu; futhi sineNgelosi kaNkulunkulu. Ihola leliBandla njengoba impela nje Yayihola ngalezozinsuku. Kunjalo impela. IZwi likaNkulunkulu liphambi kwethu; umProfethi kaNkulunkulu nguMoya oNgcwele; iNgelosi kaNkulunkulu ihola iBandla. Sihamba eNsikeni yoMlilo eNkazimulweni kaNkulunkulu, "Sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu." "Manje singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu." Nesambulo esikhulu seZwi, uMoya oNgcwele uLizikisa enhliziyweni, futhi siveza izihlahla zensindiso, ukuphila ngokulunga, uthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ukulunga, ubumnene, ukukhuthazela. Impela kuyikho!

143 Ngeke nje kuphela kwenzeke eTabernakele likaBranham, kumbe kwelinye itabernakele. Kwenzeka kubantu ngamunye. Uma lonke iTabernakele likaBranham lihlangana ndawonye nganhliziyonye yonke into iyongena ebunyeni obukhulu bukaNkulunkulu. Kodwa uma kukhona oyedwa kuphela kuleloTabernakele likaBranham ehamba kanjalo, uNkulunkulu uyohamba nalowo yedwa.

144 Futhi iyodwa kuphela indlela yokukwenza, leyo ngukuthi, fola emgqeni naLo, masha uqhubeke. Alibongwe iGama leNkosi! [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kanye—Umhl.] UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe.

145 Ngani, labobafo bathi, "Ngeke sakwenza lokho. Ngeke saba nemvuselelo ngapho. Yonke into imelene nathi. O, he! AmaAmori lapho, namaHeti, nabo bonke. Bonke babiyelwe. Futhi sibukeka njengezintethe."

146 Kodwa uJoshuwa omdadlana, cishe eneminyaka engamashumi amane ubudala, ezishaya esifubeni. NoKalebi wayesho, uKalebi wayemi lapho, esho. UKalebi wathi,

"Niyazi ukuthini? Sinamandla okukwenza!" [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kabili—Umhl.] O, mfowethu! Elincane, elincinyane, iJuda elinekhala eliyihhuku limi lapho, leqa liya phansi-naphezulu, lithi, "Sinamandla! Akusikho ukuthi singakwenza kuphela, kodwa sinamandla!" Ngani na? UNkulunkulu washo njalo! [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kabili.] Lokho kuxazulula konke.

147 Mfowethu, singaba nakho ukuphilisa. Singaba nazo izimangaliso. Singaba nayo imvuselelo. Singaba naso isibusiso. Ngani na? UNkulunkulu washo njalo! Singaba nalo iphentekoste lempela. Singaba nayo imvuselelo yangempela. UNkulunkulu washo njalo! UNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe.

148 Njengoba nje uNkulunkulu esigcina isithembiso saKhe nezibusiso zaKhe, uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe ngokwahlulela kwaKhe. Sifanele sithathe ukwahlulela noma isibusiso. Sifanele sihambe siye phambili noma sihambe sihlehlele emuva. Sifanele sihambe naYe, noma sihambe sodwa. Akekho ongaya lapho nakho. Hlalani eZwini laKhe.

149 Ngingacabanga ngomngane wami olunge kakhulu, osewahamba waya eNkazimulweni; o, umfowethu omdala obusisiweyo, indoda engcwelisiwe, egcwaliswe ngoMoya oNgcwele, egama linguPaul Rader. Ngesinye isikhathi, engaphandle ngaleya oGwini lwaseNtshonalanga, ngenkathi ngaphambi nje kokuba afe, niyabazi ubufakazi bakhe. Iculo lakhe alibhalile, *Kholwa Kuphela,* elingibizele epulpiti. Angazi noma uPaul, eNkazimulweni, uyalizwa yini leloculo elidala liculwa yizinkulungwane ngezinkulungwane, nangezilwimi ezehlukene. Wazi kanjani ukuthi lowomfana ompofu omdadlana ehlezi phambi kwakhe lapho, efake izicathulo ezimahlakahlaka, futhi kungekho ngisho nothayi, edinga ukugunda izinwele, ukuthi uNkulunkulu uzongivumela ngithathe leloculo ngiliyise emhlabeni jikelele! UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe.

150 "Mina, iNkosi, ngiLitshalile; NgiyaKulinisela imini nobusuku," Wathi, "funa kubekhona oLisiphuna esandleni saMi."

151 Kungabonakala sengathi kuyacwila, kodwa akusoze kwacwila. O, lowomkhumbi omdadlana ngalobobusuku, ngenkathi onke amathemba lingasekho, futhi washukunyiswa, kwakubonakala sengathi ihora lokugcina lase lilapho. Kodwa, khonamanjalo, Omunye wafika ehamba phezu kwamanzi, ngokuzotha nje. Ulapho njalo. Akashiyiwe neze yisikhathi. Okunye futhi ukuthi fu nomkhumbi wawuzoshona phansi. Kodwa Ulapho njalo. Impela.

152 Lolosuku, ezansi lapho eBabiloni, ngenkathi abantwana bamaHeberu wayeyiswa kulesosithando somlilo, kwakubukeka sengathi khona impela ukuphela kwase kufikile. Kodwa,

lapho bengena, "kwakukhona Oyedwa ofana neNdodana kaNkulunkulu," wama ngakubo. Ulapho njalo. Akashiyiwe neze yisikhathi. Uyaligcina iZwi laKhe. "Ngiyakuba nani."

153 "Yebo, noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, angiyikwesaba okubi," kwasho uDavide. Ulapho njalo.

154 Uyasigcina isithembiso saKhe. UPhakade, iQiniso. Angeke ahluleka. IZwi laKhe alisoze lehluleka. "Kodlula amazulu nomhlaba, kepha amaZwi aMi angeze adlula."

155 UPaul wathi, ngesinye isikhathi, wayeno—nomzabalazo. Wayengaphandle eziqhingini futhi wayenemfiva. Wayecishe aqhele ngamamayela ayikhulu kudokotela. Ephandle le emaxhaphozini, nexhaphozi, imfiva yamanzi amnyama yayimhlasele; futhi lokho kungukufa masinya. Futhi kwaba-mnyama. Futhi watshela owakhe omncane, unkosikazi othembekile, wathi, "Mana eduze kwami ngqo, s'thandwa, bese ukhuleka. Kuya ngokuba-mnyama kakhulu ekamelweni, kodwa," wathi, "Ngiyamkholwa uNkulunkulu. Futhi angikhathali ukuthi kwenzekani. Ngiyamkholwa uNkulunkulu. Ngizohlala nakho ngqo." Wathi, "Wena hlala lapha ukhuleke, s'thandwa." Wayesekhuleka. Futhi kwaya ngokuba-mnyama, wathi, "S'thandwa, kuya ngokuba-mnyama ekamelweni. Kodwa, o, ngizizwa nginokuthula."

156 Futhi emva kwesikhashana, kwaba-mnyama kakhulu, waphela. Waphupha. Wayecabanga ukuthi wayephupha. Wayebuyele enhla eOregon, lapho avela khona, egawula imithi yokwakha izindlu. Nobasi wathi, "Paul, yenyukela esiqongweni sentaba lapho, ungigawulele isihlahla," sibe amayintshi *angaka* nokho, sibe ngamafidi *angaka* ubude, "bese usehlisa usilethe kimi."

Wathi, "Kulungile, basi. Ngizokwenza."

157 Wenyukela lapho, wase esehlisa isihlahla sakhe esidadlana, wase ephisela imbazo kuso, wagoba ukuba asibambe, futhi wehluleka nje ukusiqukula. Wavele nje . . . Wathi, "Ngiphelelwe amandla. Angisakwazi nje ukuqhubeka. Ngiphelelwe amandla. Ngani," wathi, "ngilapha, indoda enkulu. Ngisinda ngaphezu kwamaphawondi angamakhulu amabili. Nginomsipha omkhulu, ngemuva. Ngani," wathi, "Ngangivamise nje ukuhlanganisa amadolo ami, ngithathe kakhulu noma yimuphi usayizi wogodo, futhi ngikwazi ukuluvusa ukuba bafake amaketango phansi kwalo." Wathi, "Futhi lapha, ukuthi ngi . . . igatsha elincane, lungengaphezu kwa*lolo,* futhi ngehluleka ukuluqukula." Ngathi, "Ngashudula futhi ngazama, aze aphela onke amandla ami. O," wathi. "Ngase ngicabanga, 'Yini engingayenza na?'" Wathi, "Ngihlala phansi ngase ngencika esihlahleni." Wathi, "O, ngidabuke kakhulu. Ubasi wami ufuna lesisihlahla esincane ezansi lapho, futhi angisiyo ngisho indoda ngokwenele ukuba ngisehlise."

158 O, okufunwa nguBasi wethu! Ufuna iBandla elingenasici, elingenambimbi. Ufuna isigejane sabantu esigezwe ngeGazi. Ufuna abantu abanokukholwa, ozoma eZwini laKhe bese ethi, "Lelo yiQiniso likaNkulunkulu laPhakade. Kwakuchazela mina, futhi ngiyaLikholwa."

159 Futhi wathi, lapho ehlezi lapho, wayencike esihlahleni, futhi wayekhala izinyembezi. Futhi wathi wezwa ubasi wakhe ekhuluma, wayesethi, "Paul?"

160 Wayesethi, "Yebo, basi, ngilapha. Kodwa ngiphelelwe yiwo onke amandla ami. Angisakwazi nje ukuqhubekela phambili. Ngizamile ukwenza, futhi ngizamile ukukulalela futhi ngenza owathi akwenziwe, kodwa nje angikwazi ukuphakamisa lento ngiyisuse phansi." Wathi, "Ngizabalazile. Ngizamile. Ngenze konke."

161 Futhi ngiyamangala nje ukuthi leso akusiso yini isimo sokuziphatha somningi olungileyo umshumayeli onenhliziyo eqinisileyo namhlanje, olangazelele ukubona iBandla lakhiwe lingenachashazi noma umbimbi, ukubona izithembiso zikaNkulunkulu zibonakaliswa. Sishudulile futhi sazama, futhi samemeza futhi sakhala, futhi sashumayela saze sasha amazwi, futhi salala emiqamelweni yethu futhi sakhala izinyembezi. "O Nkulunkulu, kungani, uma nje siqondiswa, ukuthi phakathi kuvela uDeveli, futhi aqhumise futhi aklebhule, nje eshaya elahla phansi yonke into esinayo? Singenzenjani uma sibona abantu bakithi abathandekayo, nokuthi bahlakazeke kanjani futhi bahamba cishe kanjalo na?"

162 Wase ethi-ke, ngenkathi ezwa iphimbo lakhe, likabasi wakhe, wacabanga, "Lokho kuzwakala kuyisimanga. Angikaze ngilizwe iphimbo lami likhuluma . . . lowobasi ekhuluma ngomoya omnene kangaka kimi."

163 Futhi wathi, "Ngenkathi ngiphenduka, kwakunguBasi wami wangempela. KwakuyiNkosi yami, uMsindisi wami."

164 Wathi, "Paul, uzabalazela ukufa nje. Lokho ngeke kukusize ngalutho." Wathi, "Paul, awuwuboni lowayamfudlana wamanzi ogijima laphaya na?"

Wathi, "Yebo."

165 Wathi, "Vele nje into uyijikijele phakathi lapho. Ugibele kuyo bese uyigibela wehle uze uyofika ekamu. Uya ekamu."

166 Wathi, "Ngagxumela phezulu ngase ngiluginqela phakathi ugodo, ngase ngigxumela ogodweni. Ngehla phezu kocezu nje ngimemeza ngalo lonke iphimbo lami, ngamemeza kakhulu, 'Ngilugibele! Ngilugibele! Ngilugibele'"

167 Futhi lapho sekubuye ingqondo kuye, wayethe qekelele phakathi nendawo phansi. Nomkakhe ememeza ngalolonke iphimbo lakhe. Wayethe qekelele ephakathi nendawo phansi, ethi, "Ngilugibele! Ngilugibele! Ngilugibele!"

168 Futhi, mfowethu, dadewethu, ngiyazi izivivinyo zinzima. Sengigugile, futhi ngishumayelile. Ngenze yonke into engikwaziyo ukuyenza. Ngifike endaweni, lapho engibona khona ukuthi akusekho engingabe ngisakwenza. Ngibeke nje yonke into emathangeni eNkosi uJesu, futhi ngilugibele. Ngigibele esithembisweni sikaNkulunkulu, "Mina iNkosi ngiLitshalile. NgiyaLinisela, imini nobusuku, funa abanye baLisiphule esandleni saMi." IBandla likaNkulunkulu liyohlala phakade.

169 IZwi likaNkulunkulu liyoma, ligxile kahle, phakade. Futhi kungakhathaleki ngemibuso efikayo, noma amabhomu ama-atomu ayawa, noma iMelika iyahlubuka, noma ngabe kwenzekani. *Leli* yiZwi laKhe. UyaLigcina. Futhi ngiLigibele. NgiLikholwa ngenhliziyo yami yonke.

Asikhuleke.

170 Jesu obusisiweyo, o, ukugibela okunje pho! Phansi phezu kokugeleza kwenjabulo, kwehle njalo ngomsinga uhaleluya, o, nje ngigibele kulo! Wethembisa. Izithembiso zaKho sonke siqinisile. Futhi siyazi ukuthi zonke ziyafakaza ukuthi ziqinisile. Futhi iminyakanyaka, silibonile iBhayibheli elidala elibusisiweyo lisombululwa kithi, futhi manje ihora elikhulu liyasondela, ihora laphakathi nobusuku.

171 Nkosi, abakhulu, abefundisi abangcwele beVangeli uhambe isizwe sonke, beshumayela, bekhala, bephuza amanzi egatsha, bahlushwa, besiwa emuva naphambili, baxoshwa emadolobheni, baboshwa, kwahlekiswa ngabo, babhuqwa, bahlekwa, balanjiswa.

172 Kodwa, iBandla lihambe laqhubekela phambili ngqo, ngokuba iZwi laKho lathi, "Phezu kwaleliDwala, Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese awayikuLahlula neze." Futhi sigibele kulo, namhlanje, iDwala, elikaNkulunkulu laphakade, iQiniso elimbuliweyo leNkosi uJesu Kristu. Phezu kwaleloDwala eliqinile, iBandla limi namhlanje. Umphikinkolo, owobukhomanisi, imisuka yalomhlaba, kuvukile, futhi bayashaya futhi bahlasela. Kodwa, lakhiwe phezu kwaleloDwala eliqinile.

173 UDeveli uthumele—thumele abasoli. Kuhlekiswa ngalo. Liyahlushwa. Libizwa ngezinto zonke, ezweni. Futhi sishaywe ngapha nangapha, futhi sahlolwa futhi savivinywa, futhi, o, yonke into. Kodwa, O Nkulunkulu, njengoJoshuwa noKalebi basendulo, sisasho ukuthi simi Phakade eZwini likaNkulunkulu. Uyasigcina isithembiso saKhe. Wathi Uyokwenza, futhi siyakukholwa.

174 Futhi kwangathi umuntu ngamunye lapha kulokhu ukusa, angakubukisisa lokho manje, ukuthi kuchaza ukuthini, ukuthi manje—manje sigibele Lokhu. Ngolunye usuku siyoba lapho ekamu, lapho abangcwele bebekwe khona ekamu

ebubanzini bomhlaba. UNkulunkulu nabantwana baKhe bayobe bethokoza, ingunaphakade. Siphe khona, Nkosi.

175 Amakhanda ethu esakhotheme, amehlo ethu evaliwe, kulelitabernakele kulokhu ukusa. Angazi noma, eGameni likaKristu, noma ukhona yini ongaba nesibindi sokuba athi, "Mfowethu Branham, lolusuku, khona manje, kulelibandla, manje ngiphakamisela izandla zami kuKristu, futhi ngithi, 'Kusukela kulolusuku, kuya phambili, ngizogibela eZwini laKho, Nkosi.' Ngizoma lapho, ngemukele uKristu njengoMsindisi wami; ngingazami neze ukuzama ukwenza izinto ukuba ngizame ukuthi ngifanele ukubongwa ngensindiso okungeyami. Ngizokholwa nje yiNkosi uJesu futhi ngiYemukele. Futhi ngiYidedele ifake lolothando lobuNkulunkulu enhliziyweni yami, nokuthula okudlula ukuqonda konke. Ngizolinda uMoya oNgcwele ukuba unginike. . .Ngavuka, ngesinye isikhathi, futhi ngacabanga ukuthi ngangingahamba ngikwenze, kodwa ngathola ukuthi ngangingeke." Impela, awusoze. Kodwa, uma nje uzohlala lapho isikhathi eside ngokwenele, Aze akwenze, khona-ke kuyohlala lapho, khona-ke kugxilise okwehange.

176 Kodwa uma nje uzama ukukwenza, uzokwehluleka, futhi ufanele wehluleke. Yingalesosizathu unokuphumelela nokungaphumeleli kwakho, neminininingwane, nazo zonke izinto ozenzayo. Yingoba uzama ukukwenza. Uthi, "O, ngikholwa ukuthi ngikahle manje." Akusikho lokho. Akusikho lokho—akusikho lokho. Qhabo. NguMoya oNgcwele ongenayo. Uthatha indawo. Ukhipha zonke izimpande ezindala zokubaba, ukuthukuthela okudala, nolaka, nomona, nothando lwezwe nezinto. Ukukhiphe konke kuwe, futhi bese-ke uba yisidalwa esisha.

177 Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Kristu, ngenze ngibe yilolohlobo lomKristu, kulokhu ukusa." UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. NoNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. "Ngenze ngibe yilolohlobo lomKristu, kulokhu ukusa. Ngifuna ukufana noJesu. Ngifuna ukuba zonke izimpande zokubaba zikhishwe enhliziyweni yami."

178 Manje, nibebaningi eniphakamise isandla senu. Manje, khona lapho okhona, uma uthanda, ngayo yonke inhliziyo yakho manje, hhayi—hhayi nje ukucabangela, kodwa ukholwe ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, imi eduze kwakho ngqo, futhi izokususa kuwe lokho-kubaba okudala, lokhu kuzokwenza ube yilokhu olangazelela ukuba yikho, Izokwenza khona lapho o. . .Izokwenza ukuhlinzwa esibhedlela *sakho*, uma nje uzoYivumela ikwenze.

Ngokuba konke kungenzeka, kholwa kuphela.

Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kungenzeka, kholwa kuphela;
Kholwa kuphela, . . .

179 Qhubeka nje ukhuleka. Nkosi . . . Khumbula, mntwana, ngumphefumulo wakho. Ungahle ungabikhona kwenye inkonzo, nhlobo. Lena kungahle kube ngeyokugcina. Vumela uNkulunkulu akwenze khona manje.

180 Thana, "Mfowethu Branham, ngingenyukela ealtare na?" Uma ufuna, kulungile. Uma ungafuni, hlala lapho okhona nje.

181 Kukholwe nje. "Ozwa amaZwi aMi, akholwe ngoNgithumileyo, unokuPhila okungunaphakade, futhi akasayikuya ekwahlulelweni; kodwa usedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Yilokho.

182 Uma ungathanda ukuza ealtare futhi ukhuleke, kuvuliwe. Ufuna ukukhala lapho, bese uyakhuleka; ngumphefumulo wakho, yiwo, nguwe.

183 Isikhathi sesiseduze, mfowethu. IBandla selicishe nje lenziwe liphelele. Umfudlana omdala unodaka. Sibambe izinhlanzi ngenethi futhi sadoba, futhi saphonsa zonke lezizicwilisi zomthofu phandle laphaya yonke into isize yaba nodaka. Eziningi kakhulu izingulube ekuzibhixeni. Linodaka.

184 Njengami, umfundisi, ngizwa lokhu nje, ukuthi, uma uNkulunkulu ezokwenza, kuzodingeka kuthathe uNkulunkulu. Mina angikwazi. Ngakho, kukuwe. Nanto iZwi, nanto iQiniso, niyaLibona lisombuluka khona lapha phambi kwenu. Ukuphela sekuseduze. UJesu angafika noma nini. Kungenzeka ukuthi kungahle kungabikho ngisho na-United States, ngesikhathi sokushona kwelanga kulobubusuku. Bangathumela amabhomu eatomu ayizinkulungwane ezinhlanu ngesikhathi esisodwa; kungahle kungabikho nesisodwa isidalwa esiphilayo emhlabeni, kwelinye ihora kusukela manje. Uma nifuna . . . Manje kukini.

Cabangani ngakho manje sisakhuleka.

185 Baba waseZulwini obusisiweyo, ekuvalweni kwaleliZwi, njengoba ngiphenya amakhasi, uMlayezo usunanyekwe ngophawu ngci manje. UkuFika kweNkosi uJesu sekuyasondela. Abaningana endlini, kulokhu ukusa, baphakamise izandla zabo base bethi, ngalokho, "Ngifuna ukuba ngumKristu. Ngifuna ukuba ngeyempela, eyangempela inceku kaNkulunkulu ezelwe ngokusha.

186 Nkosi, mhlawumbe iminyaka eminingi, Usebenzane nezinhliziyo zabo. U—Ubatshelile lokho. Umusa waKho usalokhu ufinyelele kubo. Abakahambi nya, okwamanje. Abanye useyile endaweni, abasenaso esinye isifiso. Sekwedlula unyaka, babevamise ukuphakamisa isandla sabo, bathi, "Awu, ngithanda ukuba ngumKristu." Manje sekukude kakhulu; abasakuzwa manje.

187 Sekuthi akuphele konke nje! Ngalokho kubonakala sengathi kuyinto ethandwa yisizwe, ukuzwa abavangeli abakhulu, njengoba benqamule ezizweni. Bathumele abezwa amanzi ngobhoko. Benze konke. Bahlele amaqembu. Bavakashela amakhaya, kulabo abazophakamisa izandla zabo futhi bazame. Lapho izinkulungwane ngezinkulungwane zenza khona isiqalo, ababili noma abathathu bayobambelela. Awu, sekwedlule, Nkosi. Sekwedlule, Nkulunkulu. Sesiphelile.

188 O Baba, ngiyazi ukuthi Wena washo, ukuthi, "Wonke lowo owayeze kuKristu, Uyobagcina." Futhi ngiyakukholwa lokho ngenhliziyo yami yonke. Futhi ngiyakholwa, Nkosi, ukuthi Uyogcina labo abanhliziyo zabo nemiqondo bahlala kuWe. Futhi ngiyaKubonga, Nkosi, ngeBandla, nangabangcwele bakaNkulunkulu ophilayo kuleloBandla, loMzimba omkhulu wokomoya!

189 Kodwa, O Nkulunkulu, inhliziyo yami ivevezela kanjani ngalabo abangaphandle kwaLokho, ngokwazi ukuthi bayasibona isandla siloba odongeni, bebona into enkulu yenzeka, izigxobo zamasayini. NeMelika isalokhu igcwele amahlaya amadala angcolile, nezinhlelo ezingahluzwanga kwitelevishini, umsakazo, nendaba yothando, nabahleki abahleka usulu nabahleki, nokwesasa kwesikhathi esikhulu, nokuvangela kweHollywood.

190 Futhi, O Nkulunkulu, yi—yihora laphakathi nobusuku elishayayo, qiniso. Selilungele ukuhamba. Futhi ngingenzenjani, Nkosi na? Ngikhathazekile; ngikhalile; nganxusa. Ngi—ngi . . . SekukuWe manje, Nkosi. Ngi—ngi . . . Yilokho kuphela engingakwenza. Ngikushumayelile. Ngizoma nje eZwini ngqo, Nkosi. Ngizama ukugibela ngiyongena ngqo ekamu manje. Isikhathi ngeke sisaba side.

191 Manje, Nkulunkulu, kulabo abanenhliziyo eqotho namhlanje. Nkulunkulu, benzele okuthize njengamanje. Mababe ngabantwana baKho, kusukela kulolusuku kuqhubeke.

192 Philisa abagulayo phakathi kwethu, Nkosi. Benze baphile. Buyisa labobahlubuki ababandayo, Nkosi. Benze bazi ukuthi nje ba . . . Badlala nje emhlabathini onengozi. Masinya bazobe bengasekho, isikhathi siyobe sesedlule kakhulu ngalesosikhathi. Siphe manje ukuthi uMoya waKho uzosebenzana nathi kakhulu. EGameni likaKristu. Amen.

193 Kubantu abasha, ngingasho lokhu. Uma benginga . . . Kulokhu ukusa, emva kosuku lokuzalwa izolo, leminyaka engamashumi amane-nesishiyagalombili kulempilo. Iminyaka eyeve emashumini amabili yalokho, cishe iminyaka engamashumi amabili-nane, ngiyisebenzisele iNkosi uJesu. Njengomfana cishe weminyaka engamashumi amabili-nantathu ubudala, nga—ngaqala ukushumayela iVangeli.

194 Uma kukhona ukuzisola enginakho, noma yikuphi ukuzisola; uma bengingathinta inkinobho, kulokhu ukusa, bese ngibuyela o—onyakeni osanganekwane cishe weshumi nesithupha noma weshumi nesikhombisa, bengiyofuna kuphela ukuwenzela into eyodwa, okungukuthi, ukukhonza uKristu. Kuchaza lokho-ke, ukukhonza uKristu yedwa. UNkulunkulu owazi inhliziyo yami, uyazi ukuthi lelo yiqiniso. Ngikhonze uKristu, yedwa.

195 Angikaze ngibone noma yini, noma ngicabange noma yini, eyake yaze yaqhathaniseka nalelihange elibusisiweyo likaKristu enhliziyweni yami. Angazi lutho. Ngihambe izilwandle ngomkhumbi. Ngindize emimoyeni. Ngibone konke okubukwayo izwe elinakho. Ngibone izimfihlakalo eziyisikhombisa zezwe, ngibone izinto ezibukwayo eziyisikhombisa, njalo, zezwe. Ngibone zonke izinhlangothi zezintaba, cishe impela, zezwe. Ngi . . . Ngingumzingeli; ngizingele kuzo zonke izinhlobo zezizwe. Ngenze konke; ngadoba. Ngigibele amahhashi. Ngibe semadlelweni. Ngenze konke engikwaziyo ukukwenza. Futhi ngizosho lokhu, ukuthi kukhona, konke kuhlanganiswe ndawonye, ngeke kwenze nelilodwa ichashazi elincane, othandweni lweNkosi uJesu Kristu.

196 Ngingenzenjani na? Benginga . . . O, yebo, yilababantwanyana lapha. Ngike ngaba nabangane abancane bamantombazane, ngakama izinwele zami ngokuzibhekisa phansi ziqonde. Ngase ngibuyisela iwindskrini emotweni yami, ngase ngiphuma nenginqumelene naye usuku lokubonana. Ngacabanga . . . Kodwa akuzange nje kwenelise. Kukhona oshoda ngakho, ngaso sonke isikhathi.

197 Ngiyibonile intombazane enamehlo abukekayo ansundu, futhi bekunga . . . Uyazi ukuthi uzizwa unjani, njengabafo abasha. Ngacabanga ukuthi kwakuyikho nje. "Uma nje ngingake ngibe nosuku lokubonana nalentombi esencane, kungavele nje . . . bekungaba—bekungavele nje kuthathe sonke isifiso sami. Lokho, lokho bekungavele kukuxazulule." Bengingaba nosuku lokubonana nayo, futhi ngiphume nayo, imizuzu eyishumi nanhlanu, futhi ngifuna omunye. Nje akwenelisi. O, akukho lutho.

198 Kodwa, lelohora elibusisiweyo! Alibusiswe iGama laKhe! Ezansi eshede elidadlana lamalahle, kwingemuva lendlu, ngiguqe esakeni elidala lotshani, emhubheni omncane, lapho engaguqa khona phansi lapho emhlabathini omanzi, futhi ngathi, "Nkosi Jesu, kukhona Ongangenzela khona na?" Kungaleyonkathi lapho ukuthula okudlula ukuqonda konke, eminyakeni engamashumi amabili-nane eyedlula, kubambelele okwehange lapha kulenhliziyo yami. Futhi kubiza konke okukhona emhlabeni wonke. Akaze ngibone lutho oluqhathaniseka nakho.

Ezingozini eziningi, izinkathazo nezihibe,
Sengivele ngedlulile;
Ngumusa oze wangifikisa lapha ngokuphepha,
Ngumusa ozongiqhuba.

199 Ngethemba Yena emahoreni okugula nengozi. Ngethemba Yena ngenkathi amabhanoyi eshaya indingilizi esiphephweni, futhi wawungazi ukuthi ini. Ngathi, "Nkosi Jesu, Usuqedile ngami na? Uma kungenjalo, qondisa lebhanoyi." Futhi ngiyibona ibuya iba kahle, esimweni sayo esikahle.

200 Ngike ngama emakliniki lapho odokotela abedlula bonke ezizweni, ku. . .Futhi babengibuka emehlweni bese bethi, "Sekusele eminye imizuzu embalwa ukuba aphile; useyashona." Futhi lapho odokotela abedlula bonke engingatholelwa bona.

201 Futhi ngathi, "Nkosi Jesu, Usuqedile ngami na?" Futhi khonamanjalo, ngase ngibuyele esimweni sami esijwayelekile. Impela.

202 O, umusa omangalisayo, lowomsindo omnandi kangaka! Ngifisa kanjani ukuthi sengathi ngabe nganginezilimi ukuwuchaza ukuthi uyini. Kukhulu kakhulu emqondweni womuntu. Thatha izwi lami. Ungathathi isibambiso, mngane. Ungathathi isibambiso. Ungaveli nje uhambe bese uthi, "Awu, manje, ngenza *lokhu*. Ngi—ngiyanitshela ukuthini, ngingumuntu olungile impela." Ungethembeli kulokho. Ungakwenzi. Hlala lapho nje kuze kubekhona Into elula isandla, isuse sonke isono, bese ibeka ukwanga lapho okuvuthayo nje. Futhi uma kufika izivivinyo, awudingi ukumangala ukuthi ngizokwenza yini lokho, kuyiNto nje ebambelela lapho.

203 Futhi njengendoda ephakathi nendawo ubudala manje, ngifanele ngehle ngicabange lokhu, ukuthi ngolunye lwalezizinsuku ngizodingeka ngihambe. Uma uJesu elibala, ngifanele ngihambe. Angazi ukuthi kuyoba njani uma sengehlela ekugcineni komgwaqo. Angazi. Angethembele khona ekushumayeleni kwami. Qhabo, mnumzane. Qhabo, angethembele khona ezintweni engizenzile. O Nkulunkulu, qhabo. O, lokho akube kude nami. Ngenze izinto, selokhu ngaba ngumshumayeli, anganganaka futhi ngenza *lokhu* na*lokho*. Angifuni ukwethembela-ndawo, lokho. Qhabo, mnumzane. Angifuni ukuthi, "Nkosi, ngiKuzuzele imiphefumulo engaphezu kwesigidi." Lokho akuhlangene nakho; akukho lutho. Into kuphela engiyethembayo, ngumusa waKhe, isithembiso saKhe, iZwi laKhe.

204 Nkosi, Uthe. . .Noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, angiyikwesaba okubi. Wathi, "Angiyikukushiya angiyikukuyeka." Uma ngicindezela lowomqamelo, nomjuluko wokufa obandayo uconsa eshiyeni lami, Uyoba lapho. Njengoba nje impela ngimi lapha. Uyoba lapho.

205 Lapho ngishumayela intshumayelo yami yokugcina, ngivale iBhayibheli bese ngisuka ngihambe okokugcina, umsebenzi usuphelile; Uyoba lapho. Yebo, mnumzane. Futhi njengoba impela nje engikholwa ukuthi UzoFika; uma Efika futhi, ngiyoba lapho, nami. Yebo, mnumzane. Hhayi ngoba ngifanele ukubongwa. Yingoba Unakho yena, ngami. Futhi ngikwemukela phezu kwezisekelo zeZwi laKhe laPhakade. Futhi ngiyazi, ngalokho, kukhona okwenzeka. Kukhona Into eyenzeka. Akusikho ukuthi ngumsindo ongakanani engingawubanga, ukuthi ngingasho kahle kangakanani. Uma ngangingumshumayeli omkhulu kunabo bonke ezweni, uma ngangivuse abafileyo, noma ngabe yini, lokho akuhlangene nakho. Yingoba kukhona into eyenzekayo. Kukhona into eyenzeke phakathi *lapha*. Ithathe wonke umona omdala, nokubaba, nobubi, nakho konke, enhliziyweni yami. Namanje ngiyaMthanda nje, imini nobusuku. Kukhona into eyenzeka. Ngifuna ukuMbona, ngolunye usuku. Ngifuna nina, nani, futhi.

206 Bandla elincane, nizabalazela manje uMbuso kaNkulunkulu, ningalokothi ninqikaze kulobubusuku. Uma nikwenza, phendukani ngokushesha, gxumani nibuyele emuva ngqo. Niyabo? Uma ugxoba uzwane lwakho, ungawi. Uma uwa, sukuma. Sukuma. He! Sukuma. Impela.

207 Uma wenze iphutha. Manje, ngalemvuselelo ezayo . . . Uvele nje wabuyela emuva wase uyabanda, ukunganaki. Phaphama, shona eBhayibhelini lakho. Phuma uye engadini yama-apula ndawondawo. Phuma ube wedwa zwi, bese uthi, "Nkulunkulu, manje ngilapha. Ngiyazisola ngalento."

208 Uzothola isibhaxu ngakho, khumbula lokho nje. Yebo, impela. Uzovuna okutshalayo. Yebo, mnumzane. Kodwa, noma ngabe yini oyenzayo, thatha isibhaxu sakho lapha. Sukuma ume mpo futhi uqonde thwi, futhi uthi, "Baba, ngilapha. Ngibhaxabule njengoba nje Ubona kufanele, Nkosi. Ngilapha." Kunjalo. Bese ubuyela emuva ngqo, uno "haleluya" enhliziyweni yakho. UNkulunkulu udedela isibhaxu kuwe, vele uthi nje, "Yebo, Nkosi. Kungifanele konke nokuncinyane kwakho." Qhubekani nje nihambe. UNkulunkulu uzoniphumelelisa, kulungile. Kuzobe sekwedlule, ngolunye lwalezizinsuku.

209 Ngicabanga leloculo elimnandi elidala oMfowethu Neville nabanye ababevamise ukulicula, "Masinya ngizophela, ezinkathazweni nezivivinyo." Yebo, kunjalo.

210 Bangaki koMthandayo na? Asibone izandla zenu? Kulungile. Sinike indlela, *Umusa Omangalisayo*. Wonke umuntu akathule nje, umzuzu. Kancane manje.

> Umusa omangalisayo! umsindo omnandi
> kangaka pho,
> Owasindisa olusizi njengami!

Ngangilahlekile, kodwa manje sengifunyenwe,
Ngangiyimpumputhe, kodwa manje sengiyabona.

Kwaba ngumusa owafundisa inhliziyo yami ukwesaba,
Nomusa wakhulula ukwesaba kwami;
Wabonakala kahle kakhulu kanjani lowomusa
Ngehora engaqala ukukholwa ngalo!

Manje sonke kanyekanye.

Lapho ngiyobe sengibe lapho iminyaka eyizinkulungwane eziyishumi,
Ukukhazimula kukhanya njengelanga;
Asiyikuba nezinsuku ezinciphayo ukucula udumo lukaNkulunkulu
Kunanga-mhla siqala ukuqala.

211 Ngangivamise ukuzwa uDoc Davis omdala, abaningi babo, futhi ngizwe abaningi babangcwele abadala, ngenkathi behla, emva kokuba sebedlule phezulu, nenkonzo yayivuthwa. Ngibezwile bekhuluma ngokuthi bezwa kanjani. Ngiqala nje ukukuqonda lokho manje. Amen. Nje ngiqala ukukuqonda. O, kanjani into eyisimangaliso esingaka pho!

212 Bengingabamba ini namhlanje na? Bengingayaphi na? Uyaphi na? Amen. Bengingenzani na? Kuphi na? Bekungenzekani kimi namhlanje ukuba bekungenganxa kaKristu na? Abeyogxilaphi amathemba ami njengehange na? Bengingaba wuhlanya. Uma ngibona okulungiselela ukwenzeka, nokwazi ukuthi kwakungokwakho konke, kuze kube-phakade, o, he, bengingenzani na?

213 Kodwa, o, ngijabula kakhulu. Ngijabula kakhulu. Kungukusa kwemini nje. Sisephusheni nje. Silungiselela ukuphaphama. O, ephusheni elesabisayo, njengoba kwakunjalo; ukuphuma kulo, singene esikhathini sentwasahlobo; ubusha obungunaphakade, impilo engunaphakade, ukujabula okungunaphakade, ukuthula okungunaphakade. Akumangalisi na? Unguye ngempela kakhulu!

214 Angazi ukuthi bangaki lapha ogulayo manje, futhi efuna ukukhulekelwa na? Ake sibone izandla zenu. Kulungile.

215 Ngifuna ukunitshela ukuthi kwenzekeni ngaleliviki eledlule. Sibe nezinye zezinto ezimangalisa ukwedlula zonke ukuba zenzeke emhlanganweni, kusobala, emsamo. Futhi ngingene e—emfanekisweni wento ethize, ukuthi nje kubonakala kukukhulu ukwedlula lokho okwakuyikho.

216 Ngase ngize emsamo, noNkulunkulu unikeze isiphiwo se—sesiphiwo sokuprofetha, esinga . . . Lokho akudingi nambuzo. Ngingakufakazisa kini, khona lapha. Niyabo? Lokho akudingi nambuzo. Kodwa ngiyabona nje akwenzi ukuba umsebenzi

wenziwe ngendlela ofanele ngayo, ngoba yisiphiwo nje. Enye into, kungokomuntu ngamunye, niyabo. Kuqondene nomuntu ngamunye, ngesiphiwo.

217 Kodwa ngenze enye into ngolunye usuku, ngazama ukuthola abantu e Oakland, kunye lapho nje oku . . . endlini enkulu yezemidlalo lapho. Ngathi, "UBukhona baKhe nje," futhi ngahlala naleloZwi nje. Futhi ngathola abantu ne . . . Niyazi ukuthini? Kwababakhona okuningi kakhulu ukuphilisa kunalokho engikholwa ukuthi ngake ngakubona kunoma yimuphi umhlangano owodwa kwenzeka, ngaphandle kwemihlangano emikhulu njengase Afrika nangapho kanjalo, kodwa okosayizi wakho. Abantu beqonda nje uBukhona bukaNkulunkulu, emhlanganweni, behlezi lapho nje futhi bengena eBukhoneni bukaNkulunkulu. Nabantu babesukuma, baphiliswe; amehlo ayeyizinxemu, aqondiswa. Futhi, o, ku . . .

218 Ngiyakholwa ukuthi kuza esikhathini lapho u . . . UPawulu wathi, "Nokuba kukhona ukuprofetha, kuzakuphela; nokuba kukhona izilimi ziyokhawuka." Ngikholwa ukuthi kuza esikhathini okuyoze kuthi abangcwele babuthane khona kanje, futhi nje umoya wothando uyovele nje usibekele izethameli. Futhi nje, wonke umuntu phakathi lapho, konke lokho okuyiphutha kuyokhishwa. Kuyoba nguBukhona bukaMoya oNgcwele obukhulu.

219 Ngiyakholwa, sisazobeka izandla phezu kwabo futhi sibakhulekele manje, kungukuxhumana mhlawumbe komfundisi egcotshiwe, nokubekwa izandla, njengesibusiso nje kuNkulunkulu. Kodwa ngikholwa ukuthi kuza isikhathi lapho iBandla likaNkulunkulu lizobizwa kanjalo ukuba liphume, kanjalo, lapho abangcwele beyohlala ndawonye, noMoya oNgcwele uyovele nje ungene, nje ufunisise, njengoba kwakunjalo nje ngoSuku lwePhentekoste. Niyabo? Futhi nje uphilise abantu, futhi uvuse abantu, nezinto ezinkulu. Ngiqala ukukubona kwenzeka.

Ngoba, ngiyanitshela ukuthi kungani.

220 Amadoda iphume neziphiwo, yiqiniso lelo. Anginakungabaza ukusho. Angisuye umgxeki kanoma ubani. Abakukholwayo, lokho kukubona, niyabo. Kodwa, ngiwabonile amadoda anezinkonzo zesiphiwo, kodwa aphumile futhi, cishe, enza i—i . . . Ngingathini na? Manje, ngezinhlonipho nangothando, futhi uNkulunkulu uyazi ukuthi kuvela enhliziyweni yami. Niyabo? Ukuthi enze kakhulu njengo—ngodaba lokuqoqa izimali ngayo, niyabo, nje aqoqe abantu futhi afuna ukuqhakambisa into ethize enkulu. Futhi mhlawumbe akhipha imali, futhi, awu, lokho kungaba kuhle. Kodwa kubonakala kimi sengathi . . .

221 Athi, "Awu, ukuphela kuyeza, badingani abantu ngemali yabo na?" Awu, *wena* udingani ngayo, qobo lwakho na? Niyabo?

222 Ngakho, i—into kukho ingukuthi, ngukuyisa nje iVangeli kubantu, niyabo, ngukushumayela. Ngikholwa ukuthi uma nje si . . .

223 Neziphiwo, niyabo, izibonakaliso. Futhi, manje, umuntu angeza lapha, kulokhu ukusa, futhi ame lapha kulelipulpiti, futhi asebenze izimangaliso ezinkulu nezibonakaliso. Lokho bekungeke kuze kuchaze ngisho nokuthi umuntu wayesindisiwe. Amademoni asebenza izibonakaliso nezimanga. Impela, ayakwenza. Impela, ayakwenza. NeBhayibheli lathi ayokwenza okuningi kunalokho, ngosuku lokugcina. Awu, uJesu wathi, “Abaningi bayakuza kiMi bathi, ‘Nkosi, angikhiphanga yini amademoni ngeGama laKho na? Futhi angenzanga yini *lokhu*? Futhi angenzanga yini *lokho,* nazo zonke lezizinto na?’” Wathi, “Angikwazanga. Sukani kiMi, nina-benzi bokubi.” Niyabo?

Ngikholwa ukuthi isikhathi siyeza . . .

224 “Isibonakaliso seziphiwo saphiwa yilowo nalowo ukuba asizakale ngazo.” Lelo—lelo yiqiniso. Ngikholwa ukuthi iziphiwo ziyamangalisa, futhi siyazidinga futhi siyazihlonipha.

225 Kodwa ngikholwa ukuthi isikhathi siyeza lapho okuzoba khona yizinga eliphakeme kunalelo. Ngani, “Emva kokuba sekuphele zonke lezizinto, lokho okuluthando kuyohlala phakade.” Niyabo? Wuthando lukaNkulunkulu. Sizobe nje—sizobe nje simi, sishumayela kanje, noma sikhuluma, futhi nje uthando luyovele nje luzinze phezu kwendlu. Whewu! He!

226 Niyabo, lolu wusuku lokushumayela. Lolu wusuku lapho sifanele singene futhi sithole izoni bese sizidonsela ngaphandle. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini? Kungokwalokho-ke ukushunyayelwa kweZwi, kuya ezonini, nokuzikhiphela ngaphandle. Manje sifanele sibhekisise, phakathi lapho, futhi si . . . Izibonakaliso nezimanga zenziwa ngokubekwa izandla, kanjalonjalo, ngoba ngukushumayela.

227 Kodwa ngikholwa ukuthi isikhathi siyeza manje lapho nje selizo . . . IBandla selizosuswa liyogxilisa okwehange. Niyabo?

228 UNkulunkulu ngeke abe nomzimba oyisidalwa. Angeke abe neminwe eyisithupha esandleni esisodwa. Kuyobakhona nje iminwe emihlanu esandleni esisodwa. UMzimba kaKristu ungeke ube yisidalwa. Futhi uma umuntu wokugcina esengene eMzimbeni kaKristu, khona-ke sekuphelile. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kanye—Umhl.] Sekuphelile. Angazi ukuthi nguyena muphi. Lona kungahle ukuba bekungowokugcina, kulokhu ukusa. Ungahle ukuba ubungowokugcina. Mhlawumbe ngale eAfrika, namhlanje, owokugcina uyongeniswa. Kodwa uma sekuphele owokugcina, ngisho ukuthi u . . . Ungaqhubeka, ushumayela iVangeli, kodwa ngeke kubekhona ukusabela. Niyabo, akukho-kusabela.

229 Ngikhuluma noBilly Graham nabanye, lapho abangena khona endaweni, lapho khona izinkulungwane ezingamashumi

amathathu, noma izinkulungwane ezingamashumi amabili noma ezingamashumi amathathu zaphendulwa khona. Ababange besathola abantu abangamashumi amabili noma amashumi amathathu, phakathi nonyaka. Kucabange nje, cabanga ngalokho nje. Niyabo?

230 Manje, lokho kungenza ngibe okaCalvin, impela. Niyabo? Okwenziwe nguNkulunkulu, kwenziwe nguNkulunkulu.

231 Manje, uJesu akezanga neze emhlabeni ukuba nje azothi, "Ngizoba nabashumayeli abaya ezansi bafike bashumayele okunye, ngibatshele ngalokho engikwenzile, futhi mhlawumbe ukhona ozoNgidabukela bese eyasindiswa." UNkulunkulu akaliphathi iofisi laKhe kanjalo.

232 Lapho, uNkulunkulu, ekuqaleni, wayazi impela ukuthi ubani owayezosindiswa. UJesu ufikela ukusindisa labo uNkulunkulu ayazi ukuthi bayosindiswa. Wayengathandi ukuthi balahleke, kodwa, ukuba abe nguNkulunkulu, Wayazi ukuthi ubani oyolahlwa nokuthi ubani oyosindiswa. Ngakhoke, Wayekwazi ukumisela ngaphambili. Hhayi ukumisela ngaphambili, U—U fore-. . . Ngokwazi ngaphambili, Wakwazi ukubeka ngokuhlelekile, ukwenza yonke into isebenzele enkazimulweni yaKhe. Ngoba, lokho yi . . .

233 UDeveli—uDeveli akasuye osezindaweni zonke kanjalo futhi akasuye umninimandla onke, kanjalo akasazi isiphetho kusukela ekuqaleni. NguNkulunkulu yedwa okwaziyo. Yileyonto eyodwa, uNkulunkulu uphezulu Lapha nje. Uyazi. UDeveli akazi ukuthi kuzokwenzekani. Akazi ukuthi kuzokwenzekani. Into kuphela ayaziyo, uyidemoni nje, futhi nje wenza lokho angakwenza. Nayo yonke into angangena kuyo, uyayenza.

234 Kodwa, uNkulunkulu wazi ukuphela. Amen. Ngakho, uNkulunkulu azi ukuphela, Angenza yonke into isebenze kahle enkazimulweni yaKhe. Amen. O, ngiyaMthanda. He, o, he! Niyabo? UnguNkulunkulu. Ngakho, khumbulani, uma umuntu wokugcina ababeneyabo . . .

235 Lafakwa nini igama lakho eNcwadini yokuPhila yeWundlu; izolo, ngonyaka odlule, ngonyaka ongaphambi kodlule na? Qhabo, mnumzane. "Ngenkathi kudalwa izwe, igama lakho lafakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu," okwashiwo yiBhayibheli. IBhayibheli lathi, eSambulweni, "Nomphikikristu wadukisa wonke lowo owakhile ebusweni bomhlaba, abamagama abo engalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu, selokhu kwasekelwa umhlaba." Igama lakho lalotshwa ngalesosikhathi. Manje, into kuphela . . .

Wena uthi, "Kuyini ukushumayela iVangeli, pho?"

236 Awu, iBhayibheli likuchaza ngokucacile. Niyabo? Wathi, "UMbuso weZulu ufana nomuntu owathatha inetha wase eya olwandle noma echibikazini. Wase ephosa inetha olwandle,

useyadonsa." Lokho ngukushumayela iVangeli. Niyabo? Nanto ulwandle lonke. IUnited States iyichibikazi. Nabefundisi . . .

237 Manje, ngehlela lapha, ngime eJeffersonville, ku*leli* ikhona lechibikazi. Ngithi, "Mfowethu Neville, kade udoba ngenetha na?"

"Yebo."

"Kukhona okutholakalayo na?"

"Akukuningi kakhulu."

238 "Awu, asi . . . ngizodoba nawe ngenetha okwesikhashana." Futhi ngizophosa inetha lami, bese ephosa elakhe. Futhi nakhu sidonsa, sishumayela, sidonsela phakathi.

239 Isigejane sabantu siyakhuphuka, sithi, "Yebo, ngifuna ukwemukela iNkosi uJesu." Kulungile.

Qalaza, "Yikuphi okuyinhlanzi? Yikuphi?"

"Angazi." Niyabo?

"Awu, manje, uzokwenzani manje na?"

240 "Awu, ngiya le eCalifornia. INkosi ingithumele le eCalifornia. Ngizodoba ngenetha khona lapho isikhashana."

241 Ngizoya lapho bese ngiphosa inetha lami *kanje,* bese ngiphushela phakathi, kuphuma amakhulu ayishumi nanhlanu ngasikhathi sinye. "Ngabe babesindiswe bonke na?" Angazi. Nampo. Ngikhuphula inetha. Lelo yinetha leVangeli.

242 Abanye babo, iBhayibheli lathi, nazozonke izinhlobo zezinto okwakusemanzini. Zonke zaziphefumula emanzini afanayo, zaziphila emanzini afanayo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Kwakukhona izimfudu amaterapin, izimfudu zasodakeni, izinyoka, amaxoxo, oxamu, imithuthambi, nezinhlanzi zangempela.

243 Manje, labo ababeyizinhlanzi ngenkathi inetha leVangeli liya kubo, kwakuyizinhlanzi ngenkathi zisogwini. Labo ababeyizimfudu amaterapin enethini leVangeli, zaziyizimfudu amaterapin ogwini. Ngeke kusaba yisikhathi eside kuzoze kuthi zizothatha zibuyele emuva ngqo ziye odakeni futhi. "Njengengulube ekuzibhixeni kwayo, nenja ebuhlanzweni bayo," naziya zihamba. Niyabo?

244 Kodwa, ekuqaleni, zaziyizimfudu amaterapin, kusukela ekuqaleni. Akusiwo umsebenzi wami ukuthi bayizimfudu amaterapin. Angazi. Ngidoba ngenetha nje, niyabo, ngidonsa inetha nje. Kodwa ngenkathi inhlanzi yokugcina isiphumile emanzini, mfowethu, yilokho-ke.

O, iNkosi Uqobo iyofika
Futhi iyothi umsebenzi sewenziwe,
Isiteshi siyoshintshwa emva kwesikhashana.

245 Kunjalo. Kunjalo. Yebo, mnumzane. Uzothi, "Umsebenzi sewenziwe, futhi usuqediwe. Sekuphelile," uma owokugcina esephuma.

246 Futhi kwakukade kukhona isigejane esidala sengulube ihamba izibhixa, nakho konke. UNkulunkulu udonsela lezozinhlanzi ngaphandle lapho, ngokukhulu ukushesha Angakwenza. Abashumayeli macala onke, nje amanetha eshwibeka eya ngapha nangapha. Sizongolozelana ngisho thina sodwa ngamanetha. Sidonsa nje kakhulu ngawo onke amandla esinawo, sidoba ngamanetha. Selithi alizilungiselele nje. Uyoqhumisa ichibi elidala, ngolunye lwalezizinsuku, futhi liyobe seliphelile. Kodwa inhlanzi iyoya kwamahle, acwebile amanzi ngaphandle ngaphambili ngaleya, lapho abayoba nokuPhila okuPhakade ingunaphakade. Amen. O, uma sekufika lowo wokugcina! He!

247 Kanjani, kuyinhlanhla engaka pho, ukuba uNkulunkulu athi, [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kahlanu—Umhl.], "Ungathanda ukuba yinhlanzi na?" Amen. "Ungathanda ukuba yinhlanzi etafuleni laMi na? Ungathanda ukuza ube yinyama etafuleni laMi na?" O, he!

"Impela. Impela, Nkosi." Niyabo? Kodwa, imvelo yabo yinhlanzi. Niyabo?

248 Uma ungumKristu, imvelo yakho ingumKristu. Awudingi ukuba uthi, "Manje, u—u—ungeke, ungeke ubheme. Ungeke uphuze. Ungeke ukwenze." Awudingi ukuba usho lokho. Abakwenzi nje, empeleni. Niyabo? Imvelo yabo yehlukile. UMoya kaKristu ukumuntu, noKristu akazenzi lezozinto. Niyabo?

249 Wena uthi, "Ufanele uthande iNkosi. Ufanele uye enkonzweni." Awudingi ukuba utshele abantu lokho. Bayahamba, empeleni. Bayohamba badabule emvuleni. Bayohamba. Bahamba badabule ekufeni, ukuba baye enkonzweni. Impela. Bayayithanda. Bafanele nje bafinyelele lapho. Yilokho kuphela okukhona kukho. Ngukuphila kwabo. Uma bengayi, ba—bazizwa sengathi bayabhubha. Impela. Yebo, mnumzane. Ufanele ufinyelele lapho, futhi noma yini nje into evutha enhliziyweni yakho. Hhayi ukuya lapho ukuba kuyophikiswana, manje, hhayi ukuya lapho ukuba kuyoqophiswana, kodwa ukuya lapho ukuyokhonza. He! Futhi uya ekhaya uhlumelelekile. Akusiyo impilo emangalisayo leyo na? Bangaki oke wabanaso isehlo salokho na? Asibone isandla sakho. O!

250 Kunjalo, Gertie. Asicule lelo. "Ukuthula! Ukuthula!"

> Ukuthula! Ukuthula okumangalisayo,
> Okwehla kuvela kuBaba phezulu;

Kushanele emoyeni wami phakade, ngiyakhuleka,
Ngokuklabalasa kothando okungenakulinganiswa.

251 Ngifuna nenze into ethize manje. Noma ngabe ubani ohlezi eduze kwakho, baxhawule, uthi, “UNkulunkulu akubusise, mfowethu, dadewethu. Ngifuna ukuhlangana nawe eZulwini.” [UMfowethu Branham nebandla bayaxhawulana njengoba umshayi wopiyano esashaya ivesi elilodwa elithi *Ukuthula okuMangalisayo*—Umhl.]

Ukuthula! Ukuthula! ukuthula okumangalisayo,
Okwehla kuvela kuBaba phezulu;
Kushanele emoyeni wami phakade, (O, he!)
Ngokuklabalasa kothando okungenakulinganiswa.

Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami afela khona,
Phansi lapho ekuhlanzweni kwesono sami ngakhala;
Lapho enhliziyweni yami kwabhecwa iGazi;
Udumo eGameni laKhe!

Udumo eGameni laKhe!
Udumo eGameni laKhe elingaqhathaniswa!
Lapho enhliziyweni yami kwabhecwa iGazi;
Udumo eGameni laKhe!

252 Manje sisacula ivesi elilandelayo, angazi noma abagulayo bangenza umugqa yini, khona lapha phezulu manje, senzele umkhuleko, khona impela ngaku *leli* icala. Futhi ngifuna abefundisi, uma bezoza manje ukuba basisize ngokukhulekela abagulayo. Benze umugqa ngakwesokudla, bazungeze beze *ngapha*. Kunjalo, ngapha ngakwesokudla ngqo, labo abazokhulekelwa.

Ngisindiswe ngokumangalisa kangaka,
UJesu uhlala kamnandi kangaka phakathi,
Lapho esiphambanweni lapho Angingenisa khona;
Udumo eGameni laKhe!

Udumo eGameni laKhe eliyigugu!
Udumo eGameni laKhe eliyigugu!
Lapho enhliziyweni yami kwabhecwa iGazi;
Udumo eGameni laKhe!

253 Sifakele indlela yelithi *INyanga eNkulu*, uzosifakela, Dadewethu Gertie, uma uthanda.

254 Manje kukhona engifuna ukunibuza khona. (Ngizozithola lezo. Yebo, mnumzane.) Ngabe uza unokuthize okulindele,

noma unamathemba, njalo, ukuthi uzophiliswa kulokhu ukusa na? Ngabe yilokho okusenhliziyweni yakho, phansi ekujuleni ngempela na? Uma uza kanjalo, mngane wami, ngizokuqinisekisa nje ukuthi ukuphiliswa kwakho kuqiniseke ngempela nje njengensindiso yakho, ngokuqiniseke impela nje.

255 Manje, ukuphiliswa kwakho akuhlezi njalonjalo njengensindiso yakho. Ukuphiliswa kwakho kuzokwehluleka kuwe. Ungaba . . . Uma uphiliswa, uzogula futhi. Ungaphiliswa namhlanje, unenyumoniya, ube ngowejwayelekile ngokuphelele futhi uphile, kumenyezelwe ukuthi "uyaphila," ngodokotela, futhi ngeviki elilandelayo ubulawe yinyumoniya. Kunjalo.

256 Ungabamsulwa ngokuphelele kwiTB, kuleliviki; nasezinyangeni ezimbili kusukela manje, ufe, unesifo sofuba. Bangaphasisa ukuhlolwa, kungekho nelilodwa igciwane emzimbeni wakho, abangalithola; bese uyafa kwamanye futhi amaviki amabili, unesifo sofuba. Kunjalo. Niyabo? Futhi ufanele ufe, empeleni.

257 Kodwa, imisebenzi yomusa! UDavide wamemeza, "Ungakhohlwa imisebenzi yonke yaYo yomusa. Ibonge iNkosi, O mphefumulo wami konke okuphakathi kwami, akubonge iGama laYo elingcwele. Ibonge iNkosi, O mphefumulo wami, ungakhohlwa imisebenzi yonke yaYo yomusa." Imisebenzi yomusa! Yini engumsebenzi womusa ohambweni na? "Othethelela bonke ububi bami. *Ububi,* buyinto ophuma uyenze, futhi uyazi ubungafanele uyenze. Uyakuthethelela. Mcele, Uyakuthethelela. "Thethelela bonke ububi bami; ophilisa zonke izifo zami."

Manje ngifuna ukunixazululela lokhu, kuze kube phakade.

258 Manje-ke omunye uthi, "Mfowethu Branham uyakholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu na?"

259 Manje mangisho lokhu ngokunengqondo nangokusile. Ngifuna omunye umuntu, omunye udokotela, enye isayense, ndawo ndawo, ngiyabamema kulemvuselelo, ukuba beze kulelipulpiti futhi bangikhombise indawo eyodwa lapho khona noma ubani ake aphiliswa khona ngaphandle kokuphiliswa ngokukaNkulunkulu. Ngi—ngifuna uye kudokotela wakho, noma kunoma yimuphi omunye umuntu ofisa ukuya kuye, futhi ungikhombise noma yimuphi umuntu owake waphiliswa ngaphandle kokuphilisa ngokukaNkulunkulu.

260 Ngifuna ningilethele umuthi oyophilisa. Ngifuna ningilethele udokotela othi ungumphilisi. Uyoba yisithende, kulungile, "isithende," isithende sikadokotela. Kodwa uNkulunkulu nguye Yedwa Ongaphilisa, noma owake waphilisa, noma oyoke aphilise.

261 Ukuba besinawo umuthi obungaphilisa, besingakha umuntu lapha kulomsamo, ngomuthi. Kunjalo, besingakha umuntu, simdale khona lapha emsamo.

262 Kucabange nje, konke ukuphilisa kungukuphilisa ngokukaNkulunkulu. UNkulunkulu unezindlela zokukwenza.

263 Manje, wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, ngaba nokuhlinzwa, ithumba, noma iaphendisayitisi. Ukuba udokotela wayengalisikanga walikapuluta, ngangiyofa."

264 Lokho kungenzeka. Lokho mhlawumbe yiqiniso. Kodwa bewazi yini ukuthi udokotela akazange akuphilise na? Udokotela wasusa okuvimbile. Wavele nje wanquma iaphendiksi. Yileyonto ebibuhlungu kuwe. Kodwa akazange ayiphilise.

265 Wephuka ingalo yakho. Uthi, "Awu, ngephuka... Ngiyabheja, uma wephuka ingalo yakho, ubuyoya kudokotela." Impela bengingaya. Kodwa akakwazanga ukuyiphilisa.

266 Uma-ke ngingena, ngithi, "Doc, philisa ingalo yami, ngokushesha impela. Ngifanele ngisebenze imoto yami kulentambama"? Niyabo? Ngani, ube—ubezokwazi ukuthi wena udinga ukuphiliswa ngokwengqondo.

267 Ubezothi, "Ngingayiqondisa ingalo yakho." Kodwa ubani owenza ukuphilisa na?

268 Wena uthi, "Mfowethu Branham, uthini ngepenisilini umjofo wezifo zonke, uma bekunika yona benzela—benzela isifo, amagciwane emzimbeni wakho, njengokubhajwa na—nanoma yini onayo, inyumoniya? Ngabe ipenisilini . . . Ipenisilini ayikuphilisi na?" Qhabo, mnumzane.

269 Ipenisilini, ipenisilini iyisibulala-magciwane, futhi isibulala-magciwane singumbulali. Isibulala-magciwane siyabulala. Yonke eminye imithi iyabulala. Umuthi awakhi; uyabulala. Umuthi ungumbulali, hhayi umphilisi. Ngikhombise umuthi ophilisayo. Ngikhombise umuthi ongesuye umbulali, futhi awunawo umuthi. Umuthi uyabulala, ubulala amagciwane.

270 Njengokuthi nje uma ubunamagundane endlini yakho, bese ubeka phandle uphoyizeni wamagundane. Namagundane belidla izimbobo endlini yakho. Awu, manje, uphoyizeni wamagundane ubulala amagundane, kodwa awuyipheshi indlu yakho. Niyabo? Ipenisilini, ipenisilini ibulala igciwane, kodwa uNkulunkulu nguye ofanele aphilise indawo lapho igciwane lidle khona. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na?

271 Empeleni, iZwi likaNkulunkulu, sizongena kulokho. IZwi likaNkulunkulu ngeke Laziphambanisa. LiyiQiniso ngokoqobo. Li... Ngifuna umuntu nje ukuba uze ubeke umunwe wakho eZwini, noma ngasiphi isikhathi ngesikhathi semvuselelo, ukuba ungikhombise ukuphikisana eZwini likaNkulunkulu, lapho Liziphambanisa khona Lona, ngeke kwaqondiswa yiZwi likaNkulunkulu. Akukho lapho. Impela. Akukho lapho. Akukho-zimpikiswano eZwini, nhlobo. Ngokoqobo.

272 Uthola udaba. Ngingakubhalela incwadi eyodwa bese ngikutshela into ethize. Ngikubhalele enye incwadi nenye incwadi. Into yokuqala uyazi, lezi zombili bezikhuluma ngodaba olubili olwehlukile. Niyabo? Impela.

273 Kodwa uNkulunkulu nguye Yedwa owake waphilisa, oyoke aphilise, noma obengake aze aphilise. Wephuka ingalo yakho, manje, bengingathi . . .

"Awu, nginethumba, uthini ngalokho na?" Kulungile.

274 Manje uma leyondawo encane lapho lelothumba lihhukeke khona, uma uNkulunkulu, ngokukhipha ububi, nokuphila kuyophuma kulelothumba, kuyofa.

275 Uma udokotela elinquma, khona-ke uNkulunkulu ufanele aphilise indawo lapho udokotela alisike khona. Uma ungaphili, wopha uze ufe. Kunjalo na? Uma-ke ekhipha iaphendiksi kuwe, noNkulunkulu angakuphilisi, kwenzekani-ke kukho na? Uyofela khona-lapho.

276 Uvimba omunye wemithambo emikhulu kulomgwaqo phandle lapha. Uphuma lapha bese uvimba omunye wemithambo emikhulu, bese uyathola, kulomgwaqo phandle lapha, lelipayipi, bese ubhekisisa ukuthi kwenzekani.

277 Uyaphuma lapha bese uvimba enkulu, bese unquma ivalvu yamanzi enkulu phansi lapha, enye yevalvu yamanzi, bhekisisa ukuthi iyokwenzani. Iyoliqhumisa, phansi lapha emgudwini ophampayo.

278 Akukho-ndawo, lutho, umgudu ezweni, njengomzimba womuntu. Kodwa ungawunquma kabili umthambo osa igazi emzimbeni, bese uwubopha ngeklemp lapha, noNkulunkulu uzokwenza indlela ukwedlulisa lelogazi bese elithatha alifake kulowomthambo osa igazi emzimbeni futhi. Uma lingazange; ngesikhathi somzuzu owodwa, uma lelo elingemuva libuyele emuva lase lishaya enhliziyweni yakho, wena, [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe] ubungafa, *kanjalo*, uqala nje ukuziklwebha.

279 Ubani ongumphilisi na? O, he! UNkulunkulu ungumphilisi. Niyabo, ungeke waba nomgudu wobukhenika obusebenza kanjalo. Kufanele kube okungaphezu kwemvelo.

280 Ngake ngadubuleka kabili emthanjeni osa igazi emzimbeni, emilenzeni yami yomibili. Niyabo? Futhi uNkulunkulu . . . lapho, mina, umfanyana omdadlana oyisoni, ngifela kuleyonsimu. UNkulunkulu wayazi ukuthi Wayefuna mina ukuba ngishumayele iVangeli. Wedlulisa igazi. Angazi ngisho ngalo, ngaphandle uma kukhona ongitshelayo, noma kwenzeka ukuba ngibheke phansi futhi sengibuka isibazi. Niyabo? UNkulunkulu, emithanjeni eyisa igazi emzimbeni!

281 Wagqashula elikhulu ibhande kulokhu, iphampu phandle lapha kulomgudu wokuphampa, bhekisisa lapha kuhulumeni,

ukuthi kwenzekani. Uyovimbanisa lapho uyiqhumise. Impela, uyokwenza. Lawomanzi aphoqa aye phansi kanjalo, ayofuqa abuyele emuva ngqo.

282 Kodwa uNkulunkulu wenza ukwedlulisa bese lihamba lijikeleze. Yini eyenza lokho na? Buhlakani buni obenza lokho na? Ngikhombise umgudu wamanzi oyokwenza. [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kathathu—Umhl.] Haleluya! Ngubuhlakani bukaNkulunkulu. NguMdali omkhulu okwenzayo. Yebo, impela.

283 Yini eyenza isihlahla sehluke kwesinye na? Yini eyenza umbala wenyoni kwenye, wehluke na? Yini eyenza inkulumo yayo yehluke na? Yini eyenza sibe yilokhu esiyikho na? Ngubuhlakani. NguNkulunkulu.

284 Ungesabi manje. Wenza-. . . Lesi yisithembiso saKhe. Akusuye uMfowethu Branham. Yisithembiso saKhe. "NgiyiNkosi Ephilisa zonke izifo zenu." "Uma kukhona ogulayo, bizani amalunga amadala ebandla, nibagcobe ngamafutha, nibakhulekele, umkhuleko wokukholwa uyomsindisa ogulayo. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda." Bese kuthi-ke uma lolohlelo selwenziwe, lwemukele ngokufanayo nje njengoba ubungaphenduka ubhaphathizwe lapha. Suka uhambe ngqo, uthi, "Ngumsebenzi osuqediwe. Sekuphelile." Niyabo?

285 Kodwa sibheke isimangaliso esikhulu esigqamileyo ukuba senzeke. Siyenzeka uma kukhona ukukholwa okwenele lapho ukukwenza kwenzeke. Kodwa uma kungekho ukukholwa okwenele ukukwenza kwenzeke, kuyokwenzeka noma kanjani, emva kwesikhashana.

286 Bukani ukuthi uJesu wathini ekuphendukeni esinye isimo lapho, ngenkathi Esho ngentaba. Wathi, "Emva kwesikhashana, kuzofezeka. Uma ucela lentaba ukuba isuke, futhi ukholwe enhliziyweni yakho iyokwenza," wathi, "emva kwesikhashana, kuzofezeka." Niyabo? Kuyokwenzeka.

Manje niyagula. Abaningi benu bayafa, nisesimweni esibi.

287 Ngibabona bebambe indoda lapha manje. Indoda egula kakhulu. Umdlavuza yinto embi kabi, kodwa uNkulunkulu angawuphilisa umdlavuza. He! Nginganikhombisa phakathi lapha. Bangaki phakathi lapha oke wa. . . Ngabe ukhona umuntu lapha manje, oke waphiliswa enomdlavuza na? Phakamisani izandla zenu. Bukani lapha, kusebandleni lonke. Niyabo? Impela, ndawo zonke. Sibenabo balethwa, ngoba uNkulunkulu ungumphilisi.

288 Manje, nonke khona lapho, ekubongeni, ngifuna nikhothamise amakhanda enu, ngifuna nikhuleke. Mfowethu Neville, woza lapha. Futhi manje njengoba ninabantu. . . Ngifuna amalunga amadala ukuba eze lapha, ukuze sikwazi ukukhulekela abantu. Futhi uma udlula ngapha. . . Yenza

lokhu manje. Uma udlula ngapha, kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Futhi nje thatha eyami. . .hhayi izwi lami, kodwa iZwi likaNkulunkulu, ngakho. Kholwa nje ngenhliziyo yakho yonke. [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kanye—Umhl.] Lokho kuxazulula konke. Yilokho-ke. Sekuphelile. UNkulunkulu washo njalo. IZwi laKhe lasho njalo. Ngeke lehluleka.

289 "Angikhathali ukuthi ngizizwa nginjani. Ngiqonda phambili ngqo, noma kanjani, ngithi LiyiQiniso." Bhekisisa ukuthi kwenzekani.

290 Kodwa, niyabo, uma simela emuva bese, sithi, size ngasemgqeni wokukhulekelwa *kanje*, [UMfowethu Branham uhamba enqamula emsamo edweba ngokufanekisa—Umhl.] nje akwenzeki neze. Yilokho kuphela.

*UNkulunkulu Uyaligcina IZwi LaKhe* ZUL57-0407M
(God Keeps His Word)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni ngo Apreli 7, ngo 1957, eTabernakele likaBranham, eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2008 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

